# *Lapha Kukhona Omkhulu KunoSolomoni*

“Ngiyakholwa.” Asibe silokhu simile manje imizuzwana embalwa, njengoba sikhothamisa amakhanda ethu. Angazi noma, sisakhothamise amakhanda ethu, nezinhliziyo zethu, ukuthi uma kukhona noma yisiphi isicelo kulobubusuku obungasidinga kuNkulunkulu, into ethize ekhethekile, ubungayazisa ngesandla sakho esiphakeme. Uyazi nje ukuthi yini oyidingayo manje. Enhliziyweni yakho, cabanga nje ukuthi iyini.

2 Baba wethu waseZulwini, sijabula kakhulu kulobubusuku ukuthi sinaleyonhlanhla enhle yokuthi “Baba” kuMdali wamazulu nomhlaba. Futhi sijabula kakhulu ukwazi ukuthi sibuthene lapha kulobubusuku ezindaweni zaseZulwini kuKristu, iNdodana yaKho. Futhi Yethembisa ukuthi uma siyocela noma yini eGameni laYo iyophiwa. Nkosi, U—Uzibonile zonke izandla eziphakamile. U—Uyazi ukuthi yini ebisemva kwalesosandla. Bekukhona isicelo sento ethize, futhi nginikela umkhuleko wami kanye neyabo. Ngokukholwa manje senyukela esiHlalweni esikhulu samazinyo endlovu sobukhosi sikaNkulunkulu. Lapho, njengoba sibona iGazi leNkosi uJesu libekwe lapho phezu kwe altare, ukuqiniseka ukuthi isicelo sethu siyaphendulwa. Into eyodwa kuphela esele: uma sizokholwa ukuthi siyakwemukela esikucelayo, khona-ke kuzophiwa. Siza ukungakholwa kwethu.

3 Futhi, Baba, siyakhuleka kulobubusuku ukuthi njengoba sivula iZwi, ukuthi UzoLembula kithi. NguWe OwaLilobayo, futhi siyakhuleka ukuthi Uzosazisa Lona. Bese-ke liza phakathi kwethu bese siLiphila bese uzifakazisa Wena uqobo, ukuthi ngalelihora lenzuzo ngempumelelo yesayense enkulu, futhi uma ibandla selibanda futhi lichezukela ezimweni nezivumokholo, ukuthi Uhlala ufana kulabo abaKukholwayo ukuthi uyafana, ukuthi UnguNkulunkulu ofanayo owathulula amandla ePhentekoste. UnguNkulunkulu ofanayo owahamba nabafundi, Lo owayenoMose ehlane, futhi Uyafana kulobubusuku. Sibusise kanyekanye manje njengoba sihlanganyela ngaseZwini. EGameni likaJesu Kristu siyakucela. Amen.

Ningahlala phansi.

4 Njengenhlalayenza, ngikuthatha ngokuthi kuyinhlanhla enkulu ukuba lapho abantu bakaNkulunkulu bebuthene khona ndawonye, ngokuba ngiqinisekile ukuthi uKristu uphakathi kwethu. Futhi sinokubonga eNkosini uNkulunkulu ngokuzwa

umbiko omuhle wayizolo kusihlwa, futhi usalokhu ukhombisa ukuthi uNkulunkulu uphilisa abagulayo nabahluphekile. Futhi manje kune. . . Uma nje singagcina izingqondo zethu zizinze kuKristu, futhi sazi ukuthi uBukhona baKhe bulapha, nokuthi Usevele unilondolozele zonke izibusiso zokuhlengwa Azifelayo. singesenu. Enimele nikwenze ukuphela ngukukukholwa.

5 Futhi manje sithemba ukuthi nibe nokuphumula okumnandi namhlanje. Futhi ni. . . Zama ukunikhipha kulobubusuku, ngokukhulu nje ukushesha okunokwenzeka. Bese kuthi-ke kusasa ebusuku, kungubusuku bangoLwesine; bese-ke kuba ngubusuku bangoLwesihlanu; bese-ke kuba ngoMgqibelo ekuseni, ukudla kwasekuseni.

6 Ngifuna ukucela inhlangano yebandla kulobubusuku isicelo esivela kuMfowethu Carl Williams, emkhandlwini wezikhulu zesonto zasePhoenix, umongameli womkhandlu wezikhulu zesonto zasePhoenix. Uyise oneminyaka engamashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu ubudala ushaywe yistrokhi kulentambama. Futhi ubezoba lapha kulobubusuku. Futhi udingeke andizele phezulu enyakatho ndawo ndawo, ukuyobona uyise. Futhi ngiye emkhulekweni womfo omdala khona manjalo. Emavikini ambalwa edlule nganginaye, wayephila kangcono kakhulu kunendodana yakhe, ngale eAlbuquerque lapho esasinengqungquthela khona. Futhi kulobubusuku ulele, enestrokhi, iminyaka engamashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu ubudala. Kodwa ngikholwa ngayo yonke inhliziyo yami ukuthi uNkulunkulu uzosisusa istrokhi kuye. Ngi—ngi—ngiyakukholwa, niyabo, ngokuba ngenkathi ngisemkhulekweni nga—ngangimbona nje enyakaza. Futhi u—u. . . Awushayiwe yistrokhi, uma unganyakaza, uyazi. Ngakho, u, ngi—ngiyazi uzoba ngcono, uma engasindile.

7 Futhi sinokubonga ngoku—kukholwa, ubufakazi obubonakalayo, into ethize enathi esitshelayo, futhi siyazi. Awusekho umsebenzi wokuqagela kukho. Besinalo, iminyaka, iZwi likaNkulunkulu. Manje sinoNkulunkulu weZwi, niyabo, futhi khona lapha eliphila iZwi laKhe. Ngakho liqinisile, esinye sezibonakaliso ezinkulu zokugcina esithenjiswe eBandleni ngaphambi kokuFika kweNkosi.

8 Kungekudala, indodana yami nami ngangi. . . ngaya eBombeyi, eNdiya, lapho engicabanga ukuthi saba nokubizela e altare okukhulu kunakho konke engake ngaba neNkosi ukuba ikwenze emihlanganweni yethu. Kwaku. . . Asikwazanga ukulinganisela ukuthi bangaki abeza kuKristu, ngoba kwalinganiselwa lapha engxenyeni yesigidi embuthanweni owodwa, cishe izinkulungwane ezingamakhulu amahlanu. Futhi kwakukhona esikhulu isikhathi sokucindezeleka. Futhi kwakukhona amaHindu, amadoda angcwele. Futhi, o, he, nikhuluma ngenkolo, iNdiya inayo! Ngaleyontambama, ngabungazwa yizinkolo eziyishumi nesikhombisa ezehlukene

zaseNdiya, futhi zonke zamphika uJesu Kristu: zonke: okaMohemede, uBuda, iSikhi, ekaJeyini, o, ezinigi kakhulu zazo. Futhi angizange ngisho lutho. Ngavele ngabalalela nje. Njengoba, sadingeka sikhumule izicathulo zethu, ukuba siyongena ethempelini lamaJeyini.

9 Ngalobobusuku, ngaphambi kwesixuku esikhulu engingakwazanga ukubona ukuphela kwabo, futhi ngenkathi abantu beqala ukwenyuka; umbutho wezempi wadingeka udedele abantu beze, ngamunye ngasikhathi. Owokuqala ofikayo, kwakungonochoko; wayengenazingalo, nezindlebe yayidleke yaphela. Noma ubani wayazi ukuthi yayiyini inkathazo yakhe, kusobala. Kwase kuthi-ke emva kokuba ababili noma abathathu sebedlule, ngani, nakho kwakukhona uMoya oNgcwele, wembula. Kusobala, ngenkathi kufika ugcobo, khona-ke ungakusho okucatshangwa ngabantu. Niyabo, uyakucaphuna. Futhi babecabanga ukuthi kwakuyinto ethize enjengokufunda umqondo.

10 Futhi noma ubani, owaziyo ukuthi kuyini ukufunda umqondo, ubengakwazi, bekungaba yi . . . Uma ucabange lokho njengoMoya oNgcwele nje ubona okufihlakeleyo ukuthi bekungaba ngukufunda umqondo, ngani, manje-ke, awazi kakhulu kangako ngokufunda umqondo.

11 Ngakho manje-ke lamadoda angcwele, noRaja, kanjalonjalo, emaphilweni abo ne . . . Ngakho babenqwabelwe phezu komunye nomunye, kwakungababili noma abathathu befuthelene kuthi abafe, emhlanganweni, futhi nje bezama ukunqwabelana phakathi. Futhi nganginezinsuku ezimbili kuphela ukuba ngihlale.

12 Futhi angikwazanga ukuthola ukuvikeleka . . . Isizathu, ngangidingeka ngibe nakho edolobheni, kwakuyiyona-ndlela kuphela esithola ngayo ukuvikeleka. Ngaphandle kwedolobha, kwakukade kukhona inenekazi elifikayo, elalibangele inkathazo encane, nababili noma abathathu bagwazwa babulawa, futhi abanginikanga ukuvikeleka ngaphandle kwedolobha. Futhi kwakuyinto esabeka ngempela ukuyibona.

13 Kodwa ngendoda yesine eyadlulayo, yayingeyesine noma eyesihlanu, kwakuyindoda eyayiyimpumputhe, futhi yayingompofu. Kusobala, iNdiya inabantu abayizigidi ezingamakhulu amane namashumi ayisikhombisa, futhi kwakubukeka kimi sengathi cishe izigidi ezingamakhulu amane abo babengababampofu. Angikaze ngibabone abampofu abaningi kangaka! Futhi kuyinto edabukisa kabi. Kanti, asazi ukuthi sicebe kangakanani, uze uthathe uhambo olunjalo, kanye.

14 Nangu umama elele emgwaqeni, ingane yakhe encane ibulawa yindlala. Izisinyana zayo siphansi sincikene nezindebe zayo. Okwayo okuncane . . . Ayisakwazi ukubuye ikhale. Umama ubulawa yindlala, naye. Ufuna ukupha wena ingane, ayivikele

ekufeni; noma yini, ayivikele ekufeni. Futhi lapha, awu, uyayithatha na? *Nangu* omunye, *nangu* omunye, omunye, o, wena, nje akukho ukuphela kukho. Futhi nampo, futhi kudabukisa kakhulu. Futhi bayizidalwa ezingabantu uKristu abafelayo.

15 Futhi lapho, ngalobobusuku, ngimi lapho, nalempumputhe yenyuka. UMoya oNgcwele wathi, manje, "Ingompofu, futhi ingumkhonzi welanga. Sekube yiminyaka engamashumi amabili iyimpumputhe." Awu, kwathi nje lokho kungashiwo, wawungakucosha, uyazi. Banawe . . .

16 Uma uya endaweni enjalo, kungcono wazi ukuthi ukhuluma ngani, ngoba bayokuphosela inselelo kukho, noma nini nje. Futhi kungcono uqiniseke ukuthi uNkulunkulu ukuthumile. Awudlali isonto lapho. Uzofanele ngempela ube nakho okhuluma ngakho. Kulungile lapha eMelika, kodwa ungazami neze ukuzithela ensimini ngaphandle uma ngempela uqinisekile. Bese kuthi-ke eAfrika, nalezozinyanga-bathakathi nabanjalo, banga—bangabakhonza imimoya. Abadlali nje ngesayense ethize ephathelene nokusebenza kwengqondo. Banga—bangabakhwelwe ngamademoni, futhi banamandla. Futhi kuthatha kuphela amandla kaNkulunkulu, angaweqa ngaphezulu. Futhi angikaze ngisibone isikhathi, nokho, kodwa lokho iNkosi yethu uJesu enkulu nekhazimulayo eyakweqa ngaphezulu phezu kwakho konke okwawo, futhi yazuza ukunqoba ngaso sonke isikhathi. Ngisho lokho njengenceku yaKhe, eGameni laKhe.

17 Futhi kulobubusuku lapho, kwakukhona, ngiyakhumbula, lendoda. Wathi, "Uyimpumputhe." Wathi, "Ungompofu, futhi ukhonza ilanga."

18 Futhi bayakholwa, uma bebuka ilanga baze bathole ukuphuphutheka, ukuthi bayoya eZulwini; ngakho kuneZulu labo, futhi bayohamba, ngakho, bakhonza okudaliweyo.

19 Futhi, lalelani, wawungakuzwa kungena, ukuthi bona, labo, ikakhulukazi abababiza ngamadoda angcwele. Bese-ke bezifaka ugrisi yonke indawo ngamafutha omnqumo; kuyinto yokububukelwa; babulala imbuzi bese bekhonza.

20 Ngakho manje-ke, okulandelayo, Wathi, "Uyindoda eganiwe, futhi unabantwana ababili. Futhi bangabafana ababili. Nomunye wabo uthi akabe neminyaka eyisithupha ubudala, nomunye uthi akabe nesishiyagalolunye." Futhi ngenkathi utolika eyitshela lokho, lokho kwakuqinisile. Futhi noma kunjalo babengakulaleli. Babecabanga ukuthi kwakuyisayense ephathelene nokusebenza kwengqondo.

21 Ngase ngicabanga, "Nkosi, uma nje Uzongikhombisa into ethize abebengayibona yenziwa."

22 Futhi nifanele nikubhekisise okushiwo nguMoya oNgcwele. Yilokho Anitshela khona. Hlalani lapho isikhathi eside

ngokwenele nize nizwe ukuthi Ubuye aphendule ngokuthini futhi. Niyabo? Lalelani Anitshela khona. Ngoba, akusimina. Angazi lutho ngakho. NguYe. Futhi angikwazi ngisho nengikushoyo, qobo lwami, futhi angikwazi ngize ngizwe iteyipu. Futhi, manje-ke, ngakho manje-ke kuyamangalisa ukubona Akwenzayo.

23 Ngase-ke ngiqaphela, ngase ngiyibona indoda, njengombono, imi ngaphezulu, futhi yayisikwazi ukubona. Yayisinokubona kwayo. Ngacabanga, "Lesi kuzoba yisikhathi esimangalisayo khona manje."

24 Ngase ngithi, "Namhlanje ngibungazwe ethempelini lamaJeyini, lapho abaningi benu baholi abehlukene lapha wawukhona. Futhi naningitshela ngokuthi ubuKristu babubuncane kanjani, nokuthi inkolo yenu yayinkulu kanjani. Ngangingenathuba ukumela iNkosi uJesu. Kodwa," ngathi, "kulobubusuku, nansi indoda imi lapha, eyimpumputhe. Manje ukuba bengingabuza umpristi kaMohamede, noma umpristi kaBuda, kumbe noma kungahle kube ngubani, ukuthi yini eyayibangela ukuba yenze lokho, beningathi yayinephutha, ngoba yayikhonza okudaliweyo esikhundleni somdali. Bengingathi 'amen' kulokho. Lelo yiqiniso, 'Okudaliweyo esikhundleni somdali.'

25 "Awu, manje, uma lendoda ithe nje ibiyokhonza uNkulunkulu oyibuyisela ukubona kwayo! Manje ithola ukuthi inephutha. Manje beningenzani kuyo na? Nina bakaBuda beningayenza ishiye unkulunkulu wayo futhi ifike futhi ijoyine ubuBuda. AbakaMohamede bebengayenza ibe okaMohamede. Nabehlukene. Kuyini na? Beniyoshintsha kuphela imicabango yayo. Kuphela beniyo . . . Yisayense ephathelene nokusebenza kwengqondo."

26 Ngathi, "IMelika igcwele into efanayo. Onke amaMethodisti ifuna ukushintsha amaBaptisti. NamaBaptisti ifuna ukushintsha amaPentecostal. Ne Oneness ifuna ukushintsha iTwoness. ITwoness ifuna ukushintsha . . . " O, he, angikaze ngiyizwe into enje! Kodwa into eyodwa ebongekayo, sonke sikhonza uNkulunkulu ofanayo. Kodwa lapho kwehlukile.

27 "Kodwa," ngathi, "yisayense ephathelene nokusebenza kwengqondo. Impela kunoMdali ndawo ndawo owenza amehlo ayo." Manje, ngangingeke ngikusho lokhu ukuba ngangingawubonanga umbono kuqala. Isizathu, ku . . .

28 Ngineminyaka engamashumi amahlanu-nane ubudala, ngibone imibono kusukela ngisenezinyanga eziyishumi nesishiyagalombili ubudala. Awukaze namunye . . . Ngizobuza noma ubani uma bake bawubona owodwa wehluleka. Qhabo, mnumzane. Awusoze. Awukaze futhi awusoze. Uhlala njalo uqinisile, ngoba nguNkulunkulu.

29 Ngase ngazi-ke ukuthi indoda yayizokuthola ukubona kwayo, kodwa ngangizama ukubeka ugibe oluncane ukubamba abanye balabo abangakholwayo. Ngase ngithi, "Manje, uma inkolo kaMohamede, eyiyonankolo ezedlula zonke lapha eNdiya, makuthi abapristi bakaMohamede lapho, beze lapha futhi babuyisele ukubona kulendoda, futhi ngizoba ngokaMohamede." Niyabo? Ngathi, "Uma uBuda eyinkolo enkulu kangako, abapristi bakaBuda abeze, kumbe noma ubani." Ngathi, "Impela, uma indoda ifuna ukulungisana noNkulunkulu oqinisile, impela uMdali omkhulu Owenza amehlo ayo okokuqala angayenzela amehlo okwesibili, uma ifuna ukuwasebenzisela inkazimulo yaKhe." Lezo kwaba yizethameli ezithule du kunazo zonke engake ngazizwa.

30 Ngathi, "Manje, umsamo uvuliwe, futhi makuthi indoda engeza lapha futhi iyinike ukubona kwayo. . . Makuthi uNkulunkulu, ukuthi uNkulunkulu weqiniso, lo Owayenza endaweni yokuqala, owadala amehlo ayo, Makeze futhi abuyisele ukubona kwayo, futhi ngilungele ukuba—ukuba ngumlandeli waleyonkolo." Akukho-muntu owathi vu.

31 Ngathi, "Ngiyazi ukuthi nicabangani. Nicabanga ukuthi ngisebenzisa ukufunda umqondo ukuqonda ukuthi yini indaba ngalabobantu, kanjalonjalo, futhi ngibatshela ukuthi bayini, ukuthi bangobani. Angikwazi ngisho nokufunda igama labo; ngifanele ngilipele. Angikwazi ukulibiza. Angikwazi ngisho nokukhuluma ulwimi lwabo. Nikubiza lokho ngesayense ephathelene nokusebenza kwengqondo. Uma kuyiyo, angazi neyodwa into ngesayense ephathelene nokusebenza kwengqondo. Futhi nina ningongqondongqondo bayo. Makuthi lowongqondongqondo wesayense ephathelene nokusebenza kwengqondo eze futhi anike indoda ukubona kwayo-ke. Sibone uma isayense ephathelene nokusebenza kwengqondo ingabuyisela ukubona empumputheni." Lokho kwakuselokhu kuyizethameli ezithule. Akukho-muntu owathi vu.

32 Ngathi, "Kungani ningasho okuthize na? Impela ukhona uNkulunkulu ndawondawo. Konke, konke lokhu, yonke into iqhubeka, ifakazisa ukuthi ukhona uNkulunkulu ndawondawo. UnguBani na?" Ngathi, "Isizathu ningasho lutho, ngoba ngeke nakwenza. Futhi kanjalo nami ngeke. Kodwa uNkulunkulu waseZulwini, Owavusa iNdodana yaKhe, uJesu Kristu, engingufakazi WaKhe, ungikhombise umbono ukuthi lendoda izomukela ukubona kwayo. Manje, uma Engakwenzi, khona-ke ngingumprofethi wamanga; ngixosheni ningikhiphe eNdiya. Kodwa uma Ekwenza. . . Khona lapha, ninabantu eningabakaMohamede, nampa abapristi benu bemi nezingubo zabo ezinde. Nangu uBuda, nabehlukene. Niyababona abaholi benu, ukuthi bathule du kanjani? Abasho lutho. Kodwa ngiyakhuluma. Ngibone umbono ngendoda, izomukela ukubona kwayo, futhi izokwenza manje. Futhi uma ingakwenzi, khona-ke

kukhona okungalungile, ngingufakazi wamanga weBhayibheli nokaKristu." Wonk'umuntu . . .

33 Ngathi, "Bangaki kini lapha abazoMemukela njengoMsindisi wenu uma uNkulunkulu ezobuyisela ukubona kulempumputhe na?"

34 Futhi ndawo zonke obona kuzo, izandla ezimnyama nje ziphakama, kuze kuyofika lapho owawungabona khona. Awu, kwalinganiselwa, kubantu abayizinkulungwane ezingamakhulu amahlanu. Leyo yingxenye yesigidi. Ngakho lokho kuningi, kuningi ngokuphindwe ngokwedlula cishe oseTucson. Ngakho nakho lapho bona, wayehlezi endaweni eyodwa.

35 Ngadonsa, ngacela indoda ukuba isondele kimi. Ngayigaxa ngezingalo zami. Abawutoliki umkhuleko. Ngathi, "Nkosi Nkulunkulu, lena yinselelo ekukholweni kwami uqobo. Kodwa khona lapha, ngesikhathi lapho bonke lababahedeni bezungeze lapha, Awuselokhu yini unguNkulunkulu ofanayo Owawulokhu unguye njalo na?" Ngase ngithi, "Manje wudumo lwaKho olusengozini. Ngisho kuphela Owakusho. Futhi kusukela ngisengumntwana, Ungikhombisa imibono, futhi angikaze ngibone nowodwa wehluleka. Manje Ungikhombisa ukuthi indoda izokwemukela ukubona kwayo. Ngiyakubiza ukubona kwayo, eGameni likaJesu Kristu."

36 Nendoda yasho yadedela okukhulukazi ukudazuluka. Nemeya yedolobha yayihlezi lapho, yagijima, yayidumela futhi yayanga ngokuyigona. Indoda yase ikwazi ukubona kahle impela njengoba ngingabona kumbe noma ngubani omunye futhi. Manje-ke, ngabona izinkulungwane eziphindwe kazinkulungwane.

37 Bangani, angifuni ukusho lokhu ngokugxeka, kodwa sehlulekile ukuqhuba uhlelo uKristu asithumelela ukuba silwenze. Niyabo? Wathi, "Hambani niye ezweni lonke futhi nishumayele iVangeli." Manje, Akashongo ukuthi sakhe izikole. Akashongo ukuthi sakhe amasonto. Okungukuthi, onke mahle. Kodwa sibeke sonke isikhathi sethu ekwakheni izikole namasonto namahlelo, okubambe iqhaza. Kodwa lokho akusikho Akusho. "Nishumayele iVangeli, nalezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." Ngamany'amazwi, ukushumayela iVangeli kuyoba ngukubonakalisa ngokwenza amandla kaMoya oNgcwele. Futhi yilapho esehluleke khona.

38 Ibandla lidinga, kulobubusuku, hhayi into ethize ebhasteliwe ethambile, ethambile neyintecentece njengoba ibandla liyiyo, yenza ukuvuma nje, ubhaphathizwe, futhi usungu—ngumKristu. Ukuba ngumKristu kungukuzidela. "Zidele. Uthabathe isiphambano sakho. UNgilandele nsuku zonke." Namhlanje lithambe kakhulu, nabantu bazibiza ngamaKristu. Kanti, kwakuvame ukusho ukufa, ukuvuma

uKristu, futhi wawudingeka wethembele kuYe nsuku zonke ngayo yonke into owawuyidinga.

39 LowoNkulunkulu ofanayo uyaphila namhlanje. Ngiyazi ukuthi lokho kuqinisile. Futhi Mkhulu nje namhlanje njengoba Wayenjalo ngaleyonkathi. Uma Wayelokhu enguNkulunkulu, Usalokhu enguye uNkulunkulu. Kodwa uma Engesuye uNkulunkulu, khona-ke Akaze abe nguNkulunkulu, ngoba UnguNkulunkulu waso sonke isintu.

40 Kusiza ngani ukukhuluma ngoNkulunkulu ka Abrahama, uma Engesuye uNkulunkulu ofanayo namhlanje na? Bekungasiza ngani ukukhuluma ngoNkulunkulu Owakwazi ukuvula nge uLwandle oluBomvu, uma Ubengenaku. . .ukuba abantwana bakhe ukuba baphunyuke, uma Ubengenakwenza into efanayo namhlanje na? Kuthiwani ngoNkulunkulu owakwazi ukuvusa umuntu ofileyo aphume ethuneni, uma Engenakuyenza into efanayo namhlanje na?

41 Kusizani ukunika inyoni yakho engumzwilili izimbewu ezinhle namavitamini, ukukhulisa amathambo amahle aqinile, namaphiko, nezimpaphe, bese-ke uyifaka esibiyelweni na? Izozisebenzisa kanjani na?

Kusizani ukufundisa iBhayibheli ngoNkulunkulu othize omkhulu na?

42 Ingakwenza kanjani indoda ebulawa amakhaza ukuba ithole. . .Ingakuthola ukufudumala ngomlilo opendiwe na? Indoda ebulawa ngamakhaza, bese uyipendela umlilo, bese uthi, "Nakho obekuyikho." Lokho akusikho. Kuzofanele kube yi. . . Kuzofanele kube nokushisa okuthize okuvela kuwo, ukuba—ukuba uyenzele okuthize okuhle.

43 Futhi kuzofanele kube nobuqiniso ekuZalweni okusha, bokuzalwa ngokusha, ugcwaliswe ngoMoya, nokwazi ukuthi uBukhona bukaNkulunkulu bulapha, futhi siMbone eqhuba iZwi laKhe nesithembiso saKhe njengoba Enza nje. UJesu wathi, "Uma Ngiphakanyiswa emhlabeni, Ngiyakubadonsela bonke abantu kiMi."

44 Kwangathi iNkosi ingasisiza. Bengingahlosile ukuchezukela kulokho, kodwa nje ukuxoxa. INkosi inibusise manje. Futhi ngobunye balobubusuku, mhlawumbe, ngaphambi kokuba kuphele, mhlawumbe ngizonishumayelela ubusuku obubodwa. Ngizoshumayela nje.

45 Ngikhuluma ngokuphilisa kukaNkulunkulu manje ngoba ngifuna ukubona, ngilindele iNkosi mhlawumbe ukuba yenze okuthize. Yilokho kuphela . . .

46 Niyazi, cishe amapesente angamashumi ayisishiyagalombili-nesithupha enkonzo kaJesu kwakungukuphilisa ngokukaNkulunkulu. Futhi asisebenzisi ukuphilisa ngokukaNkulunkulu kube ngokukhulu. Ungeke wenza kube

ngokukhulu kokuncane, siyakwazi lokho, nalobubungcweti obukhulu bokuphilisa ngokukaNkulunkulu.

47 Ngisanda kuqeda nje ukutadisha, iminyaka emine noma emihlanu edlule, ngeBandla lasekuqaleni. Ngaqalisa ngencwadi kaFoxe yabafelukholo, ngehlela kuma*Babiloni Amabili* kaHislop, kanjalonjalo, futhi ngehlela njalo eNayisiya, neyase*Nayisiya Yakamuva* neyo*Baba baseNayisiya*, nomkhandlu waseNayisiya, futhi ngithola lokho emva kokufa kukaJesu Kristu. Kwehlele kuPolycarp, noIrenaeus noMartin, nabaningi balabo abangcwele abakhulu, amakhulu eminyaka emva kokufa kukaJesu Kristu, balwela leyoNkolo, yombhaphathizo kaMoya oNgcwele, nokukhuluma ngezilimi, nokuvusa abafileyo, nokuphilisa abagulayo. Kwakusonyakeni wesikhathi sobumnyama leNto eyalahleka khona.

48 Kodwa, o, uNkulunkulu wathi, "Ngiyakubuyisela," isho iNkosi, "yonke iminyaka edliwa yisikhonyane, nenkasa." Wethembisa ukukwenza, naleli yihora lokubuyisela. UMuthi uyophinda uqhakaze. Ngiyakukholwa.

49 INkosi inibusise manje. Futhi emBhalweni, ngifuna ukuthatha indikimba encane ejwayelekile kulobubusuku, ukuba nje nginithole ukuba nazane nalokho esizama ukukwenza. Niyabo, uma ninga . . .

50 Ukuba bengingathola lezizethameli zikuzwana kunye, ukubona nokwazi khona impela ukuthi uJesu Kristu uyaphila futhi ulapha phakathi kwenu! O, nikukholwe ngokomzimba noma ngokwengqondo. Kodwa uma kungaya ngaphambili le kwengqondo, nize niwazi, khona-ke into ethize izokwenzeka, niyabo, uma ningaqonda. Into kuphela okuyiyo, ngukuthi, ukubona uKristu ebukhoneni bethu.

51 Niyazi, eThekwini, eNingizimu Afrika, lapho okwalinganiselwa khona, ngezihlalo ezinamasondo eziyizinkulungwane ezingamashumi amabili-nanhlanu, amabhokisi amadala namakalishi, futhi badonsa abantu bebakhipha emenweni, amaviki ngamaviki, bephumela lapho. Emkhulekweni owodwa, amazwi ambalwa nje omkhuleko, futhi benyuka behlela lapho. Futhi ngokusa okulandelayo . . .

52 USidney Smith, ningamthumela itelegram, nimbhalele incwadi. Uyimeya yeTheku, cishe kabili, okuphindwe kathathu usayizi waseTucson. Yebo, kukukhulu ngokuphindwe kaningi kunalokho. Futhi sasisemzileni womjaho lapho ayenabantu ababeyizinkulungwane ezingamakhulu amabili namashumi amahlanu bebuthene.

53 Futhi wangibiza, wathi, "Mfowethu Branham, yana ewindini lakho elibhekene nogu." Lolo nguLwandlekazi lwaseNdiya lapho. "Uzobona into ethize ongakaze uyibone."

54 Futhi nakho kuza cishe ayishumi alawomatrakhi amakhulukazi amaNgisi, mhlawumbe amashumi amane-,

amafidi angamashumi amahlanu ubude, nje enqwabelwe egcwele izinduku zokuqhugela ezindala, nezihlalo ezinamasondo, nezinto ababekade bexhuga ngazo ehlane, ngayizolo, futhi waphiliswa. Futhi nampa babelapha, naba—bantu owayekulezozihlalo nezinto, ibanga lezindlu zasedolobheni, beza ngemuva. Bonke bekuzwana kunye, behamba ngezinyawo bedlula ehhotela lami, becula, "Kholwa kuphela. Konke kungenzeka," ngolimi lwabo lomdabu. Lapho, sasiqophe phansi abomdabu boblankethe abayizinkulungwane ezingamashumi amathathu bemukela uKristu njengoMsindisi wabo, ngesikhathi esisodwa.

55 Kungesikho ukudelela odadewethu, kodwa nakhu engingakuqondi uma ngifika ekhaya. Minyaka yonke, uma ngimuka futhi ngibuye, ngithola abesifazane bakithi—bakithi baseMelika behhundula ezingi kakhulu izingubo zokugqoka zabo uqobo, futhi nokho bezibiza ngamaKristu, becula emakhwayeni.

56 Futhi labo besifazane bemi lapho, abaningi babo, kungekho lutho kodwa begqoke izigqebhezana ezincane ezingo 4-H. Futhi umzuzu bemukela uJesu Kristu njengoMsindisi, akekho owadingeka abatshele ukuthi babehamba-ze. Basonga izingalo zabo, *kanje*, ukuba basuke ebukhoneni balapho abesilisa ayemi khona.

57 Uma uBukhona bukaJesu Kristu buzoletha lokho kwazi kowesifazane owayengazi lutho neze ngaYe, futhi nje waMemukela njengoMsindisi, futhi wamenza waqonda ukuthi uhamba-ze, bekufanele kwenzeni ku—kubantu lapha ofanele ukuba ngophucuzekile, no—nofanele ukuba nombhaphathizo kaMoya oNgcwele, futhi minyaka yonke ngokuqhubeka bayazihhundula na? Ku. . .Ngikholwa ukuthi kukhona okungalungile ndawondawo. Kungahle kube ngakimi; uma kunjalo, kukhona okungalungile ngeZwi. Ngikholwa ukuthi uMoya oNgcwele uzokwenza umuntu embathe izingubo zokugqoka esikhundleni sokuzikhumula.

58 Manje phenyani nami kuMathewu, isahluko 12, ivesi 38 nakwelama 42, umBhalo ojwayelekile nje omncane njengoba sifunda. Lalelisisani manje.

> *Kwase kuphendula abathile kubabhali nabaFarisi, bathi, Mfundisi, sithanda ukubona isibonakaliso esenziwa nguwe.*
>
> *Kepha waphendula wathi kubo, Isizukulwane esibi nesiphingayo sifuna isibonakaliso; kepha asiyikunikwa. . .sibonakaliso, kuphela isibonakaliso sikaJona umprofethi:*
>
> *Ngokuba njengalokho uJona wayesesiswini somkhomo izinsuku ezintathu nobusuku obuthathu;*

> *kanjalo-ke neNdodana yomuntu iyakuba senhliziyweni yomhlaba izinsuku ezintathu nobusuku obuthathu.*
>
> *Amadoda aseNineve ayokusukuma ekwahlulelweni kanye nalesisizukulwane, asilahle: ngokuba aphenduka ngokushumayela kukaJona; futhi, bhekani, kukhona lapha omkhulu kunoJona.*
>
> Futhi *inkosikazi yaseningizimu iyakusukuma ekwahlulelweni kanye nalesisizukulwane, isilahle: ngokuba yavela emikhawulweni yomhlaba izakuzwa ukuhlakanipha kukaSolomoni; futhi, bhekani, lapha kukhona omkhulu kunoSolomoni.*

59 Ukuba bengingakubiza ngendikimba, bengingathanda ukuthatha lawomazwi amahlanu okugcina: *Lapha Kukhona Omkhulu KunoSolomoni.*

60 Siyathola, uJesu lapha wayekade ethetha. Wayekade esola lezozindawo Ayekade ekuzo, futhi wayekade efakazisile kubantu ukuthi WayenguMesiya, njengoba nje Ubekhombisa kithi izolo ebusuku. Nakho konke ukufundisa kwabo kwakukade kungukuba bakholwe ukuthi lokho kuyoba yisibonakaliso sobuMesiya. Futhi ngisho nakulona wesifazane omncane esikhulume ngaye izolo ebusuku, owesifazane emthonjeni, ukuthi ukanjani, esimweni sakhe sokuphinga, futhi nokho wayazi kakhulu ngoNkulunkulu, futhi waMqonda kakhulu, kunoma kwenza ababhali nabaFarisi.

61 Ngokuba, ngenkathi sebebone lokhu kwenziwa, baKumemezela ngokuthi kungolunye uhlobo lomoya, bathi, "NguBelzabule." UBelzabule kwakuyinduna yamademoni, umoya, idemoni. Futhi bathi Wayenza lokho ngomunye wokhonza imimoya, njengombhuli. Futhi noma ubani uyazi ukuthi ukubhula ngokukaDeveli. Futhi ngakho basola iNkosi yethu ngokwenza lokho.

62 Wayesethi, "Uma niNgibiza ngoBelzabule, kuyothethelelwa. Kodwa nxa nikhuluma ngokumelana noMoya oNgcwele, lapho Uyofika, khona-ke akukho ukuthethelelwa kwakho, ngoba nibiza uMoya kaNkulunkulu, owenza umsebenzi, 'ngomoya ongcolileyo.' Lokho ngukuhlambalaza uMoya oNgcwele."

63 Umama wami wayevame ukungitshela, ngenkathi ngisengumfanyana, ukuthi, "Ukuhlambalaza uMoya oNgcwele, kwakunguku, ukuthatha impilo yakho uqobo." Awu, lokho akunjalo. Niyabo? IBhayibheli liyakufundisa, ukuthi, "Ukuhlambalaza uMoya oNgcwele, kunguku—kunguku, ukukhuluma ngokumelana noMoya oNgcwele." Ukuhlambalaza, ngukukhuluma ngawo. Futhi uma nibona uMoya oNgcwele wenza into ethize, futhi nihlekise ngaWo, seniwele umugqa eningasoze niwuwele niphinde nibuye futhi. Anisoze nathethelelwa khona.

64 Ngakho uJesu wayebatshelile, futhi wayesho ngokuthi kwakukanjani ukuthi Wayekade—kade eqinisa iZwi, ukuthi WayenguMesiya. Futhi babefanele bakwazi lokho, ngoba umholi wabo, uMose, wabatshela, "INkosi uNkulunkulu wenu iyakuvusa umprofethi onjengami."

65 Futhi manje ngenkathi bebone lezozinto zenzeka, babesalokhu bengaMkholwa. Hhayi ngoba . . . Ngi—ngikholwa ukuthi baMkholwa, kodwa babengafuni ukukuvuma, ngenxa yamasiko abo, ngoba abaFarisi babekade bethe, "Noma yimuphi owesilisa noma owesifazane oyoMemukela masinyane uyokhishwa esinagogeni." Futhi bathanda amasiko abo kakhulu kunoma babethanda iZwi likaNkulunkulu eliqinisekisiwe.

66 Nesikhathi asikashintshi, kakhulu kakhulu, lesi. Niyazi, uNkulunkulu uthatha umuntu waKhe kodwa neze uMoya waKhe. USathane uthatha umuntu wakhe kodwa neze umoya. Ubuyela ngqo phezu komunye umuntu, futhi wehle ngqo. Futhi manje siwuthola kuzo zonke izizukulwane, uthi awufane.

67 NoJesu Wayezenze waziwa ngokucacileyo. Wathi, "Uma Ngingenzi imisebenzi kaNkulunkulu, khona-ke ningaNgikholwa. Kodwa uma Ngenza imisebenzi kaNkulunkulu, khona-ke kholwani yimisebenzi."

68 Futhi manje-ke sithola konke lokhu, futhi babesalokhu bengakholwa. Futhi beza kuYe, emva kokubona zonke ezalezozinto, base-ke bethi, "Nkosi, sithanda ukubona isibonakaliso esivela eZulwini."

69 Manje, sithola lesosigaba esifanayo sabantu ofuna ukuthi, "Awu, ayikho into okuthiwa yisimangaliso. Angisibone senziwa. Angisibuke emehlweni ami. Angisihlole." Awu, lowomuntu ngokoqobo akanathemba. Ngokuba, uma uke waze wasindiswa, kuyisimangaliso. Kuphela unga . . . Ufanele umkholwe uNkulunkulu. Ungeke wasichaza isimangaliso.

70 Ukuba-ke uMose wayethe, "Ngikholwa ukuthi ngizokha ambalwa alamaqabunga, elisemlilweni, bese ngiwawezela egumbini lokucwaningela bese ecwaningwa, bese ngithola ukuthi yini, awashi ngani"? UNkulunkulu ngabe akakhulumanga neze naye.

71 Kodwa wa—wa—waye . . . waqonda ukuthi kwakuyisimangaliso ukuthi amaqabunga, isihlahla, sasingashi. Ngakho wasondela ukuba akhulume naso, nokuthi akhumule izicathulo zakhe, futhi azithobe phambi kwaso. Futhi uNkulunkulu wakhuluma wamphendula.

72 Manje, uma sizokwenza into efanayo, uNkulunkulu uzokhuluma asiphendule. Kodwa uzofanele ukuqonde ukuthi nguNkulunkulu. Nendlela kuphela oyoke uthole noma yini evela kuNkulunkulu, ngukuba uMkholwe. "Oza kuNkulunkulu umele akholwe ukuthi Ukhona."

73 Manje, ukuba besibona izinto zenziwa ebingesikho ngokomBhalo, khona-ke ubuyoba nendawo yokuba ubuze. Kodwa uma kufakaziswe ngokucacile ngumBhalo, kwase-ke kukhonjwa nguNkulunkulu Owaloba umBhalo futhi wenza isithembiso, khona-ke besifanele sikhumule izicathulo zethu, njengoba kwakunjalo, futhi sithi, "Nkosi Nkulunkulu, ngilapha." Yilokho ebesifanele sikwenze.

74 Futhi yilokho abayikho, esikhundleni salokho, bayafika futhi bathi, "Sithanda ukubona isimangaliso." Manje, wonk'umuntu ngabafuna izimangaliso.

75 Sithola ukuthi ngisho noDeveli, ngenkathi ebone uJesu ekulesosimo sokulamba, wathi, "Uma uyiNdodana kaNkulunkulu, yala lawamatshe ukuba abe yizinkwa." Niyabo? "Uma uyiyo," wayengaqinisekile. Kodwa wayeMfuna enze isimangaliso ukuze asibone. Manje, leyo yindlela nje. Niyabo?

Niyasikholwa isimangaliso. Niyakholwa, ukubona isimangaliso.

76 Manje-ke siyathola, emagcekeni abiyelwe, sibe sazi ukuthi Wayekwazi ukubona okufihlakele futhi ekwazi ukusho imicabango yabo, futhi azi ukuthi ubani owaMthinta. Futhi yonke impilo yaKhe yonke ya—yayiyisimo sezimangaliso, futhi Akazidumisanga ngakho. Wathi, "AkusiMina owenza imisebenzi. NguBaba waMi. Uhlala kiMi. Wenza imisebenzi. Futhi ngiqinisile Ngithi kini, iNdodana ingenze lutho ngokwaYo. Kodwa lokho Ebona uYise ekwenza, lokho iNdodana iyakwenza kanjalo." Niyabo? Unika lonke udumo kuBaba. Futhi Wayelapha, ehambahamba, enza lemisebenzi.

77 Kwase kuthi-ke emva kwakho konke lokho, ngenkathi beMbamba enhla emagcekeni abiyelwe, futhi bamboza ubuso baKhe ngendwangu, *kanje*, base bethatha induku yalamabutho adakiwe. Bama lapho, beMshaya ekhanda, futhi-ke benikezelana ngenduku, omunye komunye, base bethi, "Uma UngumProfethi manje, profetha futhi usitshele ukuthi uyena muphi oKushayile. SizoKukholwa." Wayazi ukuthi kwakunguyena muphi.

78 Kodwa, uyabo, umuntu kaNkulunkulu, noma inceku kaNkulunkulu, ayihlekiseli uDeveli. Niyabo? Azibophezelekile ukuba zenze lokho.

79 Nibezwile bethi, "Awu, uma ikhona into ethiwa... Ninabantu nikholelwa ekuphiliseni ngokukaNkulunkulu. Ngiyazi lapho omunye umuntu egula khona. Yana ngapha esibhedlela, lonke iqembu labo."

80 Lokho mhlawumbe bekungafana naleloqembu elifanayo, ngenkathi uBartimewu impumputhe ephuma, ngenkathi babehlekisa ngaYe, mhlawumpe bathi, "Heyi, sezwa ukuthi Uyaphilisa, Uvusa abafileyo. Sinendawo yamathuna agcwele bona enhla lapha, abangcwele. Yenyuka futhi ubavuse,

uma Uvusa abafileyo." Niyabo, lelodemoni elidala elifanayo eligxekayo.

81 Ngenkathi Elenga esiphambanweni, wathi, "Uma UyiNdodana kaNkulunkulu, yehla lapho futhi sizoKukholwa." Niyabo? Wayengakwenza. Baphawula ngaYe, futhi babengazi ukuthi bakwenza. Bathi, "Wasindisa abanye. Angezisindise Yena uqobo." Impela akazange. Ukuba Wazisindisa Yena uqobo, Wayengebasindise abanye. Ngakho Wazinikela Yena uqobo, ukusindisa abanye. Ngiyajabula ukuthi Wakwenza. Impela. Niyabo? Manje siMthola lapho, niyabo.

82 Kodwa yilowomoya omdala ofanayo, "Yenza into ethize lapha. Mangiyibone yenziwa." Ngani, uNkulunkulu wayengenakusebenza lapho into enjengaleyo yayikhona.

83 UJesu wangena esixukwini sabantu ngesinye isikhathi, wayesethi intombazane efile kuphela yayilele, futhi baMhleka usulu. Wayesebakhipha, bonke, endlini, ngaphambi kokuba Ayivuse. Niyabo? Wadingeka akwenze.

84 Ngesinye isikhathi Wathatha impumputhe, wayiholela ngaphandle kwedolobha wayesephimisela emehlweni ayo, ukuze, kuMenze ayisuse esixukwini.

85 Lapho kukhona khona ukungakholwa, uNkulunkulu angesebenze. Uzofanele ube nokukholelwa. Futhi uma besingazifaka thina uqobo kulesosimo, kulobubusuku, ukuba singabaze konke ukungabaza, futhi sikholwe onke amaZwi kaNkulunkulu, nokwazi ukuthi uJesu Kristu uyaphila, futhi nguYe ezikhombisa Yena uqobo, manje-ke, ngizonitshela, amaphephandaba ayobhala izihloko e—eTucson ekuseni. Bekungenzekani endlini, ukuba beningangena nje kulokho kuzwana!

86 Kodwa lamadoda ayebone zonke lezizinto zenziwa, futhi ezwa ngakho, nento, futhi ayefanele aphendule ibandla lenhlangano yawo. Ayefanele athi kwakuyinto ethize. Yenziwa. Futhi athi, "NguBelzabule." Futhi ngakho eza neno, athi, "Manje, sifuna isimangaliso. Sifuna isibonakaliso esivela eZulwini, sifuna isibonakaliso esivela kuWe." Wayesevele ezenzile izibonakaliso eziningi kakhulu, ngakho Akazange, akukho-mBhalo owathi Wenza noma yiziphi izibonakaliso.

87 Manje, uNkulunkulu, kuyo yonke iminyaka, akakaze angabi nofakazi. UNkulunkulu ngesinye isikhathi wehlele kumuntu oyedwa kuphela. Kodwa Ubehlala njalo enofakazi, umuntu othize owayeMkholwa, umuntu othize owayekwazi ukukholelwa kokungaphezu kwemvelo, umuntu othize owayekwazi ukukholwa nguNkulunkulu, ngendlela nje okulotshwe ngayo nokuthi nje Uyini. Futhi Wabakhomba lapha, njengoba sithola. Kuyo yonke iminyaka Wayenofakazi waKhe ndawo zonke.

88 Manje Wakhomba lapha, endaweni eyodwa, ku "Jonase," obizwa lapha, kodwa silibiza ngoJona. Nabantu abaningi

bayamgxeka uJona, futhi bathi, "O, uJona omdala!" Nilizwile lelogama. Kodwa ngifuna uku—ngifuna ukuba ngakuJona, isikhashanyana.

89 UJona wayengaphumile entandweni yeNkosi. UJona wayesentandweni yeNkosi. Wayengumprofethi. Wakhonjwa kukho, futhi wabizwa eBhayibhelini ngokuthi, "Umprofethi, uJona." Futhi wayengaphumile entandweni yeNkosi. Ngifunde ezincane, ezinye iziphawulo ngakho, njengomlando, kwesinye isikhathi esedlule.

90 Futhi manje, uJona ngempela watshelwa yiNkosi ukuba ehlele eNineve, umuzi ophindwe kane noma kahlanu kubungako balomuzi lapha. Futhi kwaku, lapho, umuzi omkhulu wezohwebo wezwe. INineve yayinjalo, ngalolosuku, ihlubuke kakhulu impela. Futhi—futhi babedoba olwandle. Futhi babesukile kweleqiniso neliphilayo iZwi likaNkulunkulu, futhi baqala ukukhonza izilwane ne—nezinunu zasolwandle, kanjalonjalo. Babesesimweni esonakele nesesabekayo. UNkulunkulu wamtshela, "Yehlela eNineve."

91 Futhi sithola ukuthi wehlela ogwini lolwandle wayesethatha umkhumbi oya eTarashishi. Manje, omunye ubezokholwa lapho ukuthi nje wenza uNkulunkulu ayemtshele ukuba angakwenzi.

92 Ake sithole ukuthi ngabe izinyathelo zabalungileyo aziqiniswa yini yiNkosi. Futhi uma siMethemba ngayo yonke inhliziyo yethu, nakuba senza iphutha, uNkulunkulu uyokwenza kusebenze kuye ngasenkazimulweni yaKhe.

93 UJona! Siyathola, phandle olwandle, ukuthi iziphepho ziqala ukudlanga, nomkhumbi uqala ukushukuma uya emuva naphambili, nawo onke amathemba okuthi babengasinda lalingasekho. Futhi uJona mhlawumbe wayekade eshumayela, ubusuku obumbalwa ngaphambi kwalokho, futhi wayekhathele. Futhi wayephansi emzimbeni womkhumbi, ethatha isithongwana esincane emini, ethi ukuthatha isihlwathi kancanyana. Futhi bayehla base bemtshela, "Vuka, O vilandini, futhi ubize uNkulunkulu wakho."

94 Futhi uJona wathi, "Manje, ngizonitshela ukuthi ngifuna nenzeni. Ngifuna nibophe izandla zami ngemva kwami, nezinyawo zami, bese ningiphosela ngaphandle komkhumbi." Wayesethi, "Khona-ke umkhumbi uzonqamuka ukushukuma, amagagasi, umkhumbi; azoyeka ukushukumisa umkhumbi, ngeny'indlela, uma nje nizongiphosa ngaphandle."

95 Ngakho, niyabo, ngenkathi benza lokho, futhi bamphosela ngaphandle, uNkulunkulu wayemisele inhlanzi enkulu, esikholwa ukuthi kwakungumkhomo.

96 Futhi manje lokho kuphikiswa yisayense. Lapha, eminyakeni embalwa edlule, ngangiseLouisville, eKentucky, ngapheshey nje kwedolobha lasekhaya kithi laseJeffersonville, eIndiana. UMfula iOhio nje wahlukanisa amadolobha amabili.

Futhi babenomkhomo, uhlaka lwamathambo omkhomo, e—enqoleni yakwaloliwe eflethi. Futhi kwakukhona indoda imi lapho, eyayinikeza isifundo ngalomkhomo. Yayisithi . . . Manje, iyenyuka. Ngacabanga, "Angazi noma ngabe i . . . Izothini?"

97 Yayikhuluma ngobungako bomlomo wawo, ukuthi umuntu wayengangena kanjani emlonyeni wawo kalula, yayisithi, "Niyayazi leyondaba yeBhayibheli abayixoxayo," nokusineka okukhulukazi kwenyamazane iopozamu ebusweni bayo. Yayisithi, "Niyazi, basho ngomkhomo ugwinya uJona." Yathi, "Ngifuna nazi ukuthi lokho kwakungeke kube njalo." Yathi, "Ngoba, uma nizoqaphela umphimbo womkhomo," yathi, "ngisho . . . ungeke wedlulisa ngisho nokungengaphezu kwe—kwebhola elingama intshi amane ngomminzo wawo, lehle ngomphimbo wawo." Yathi, "Lokho kwakungenjalo. Leyo yindaba eyinsumansumane nje."

98 Lokho kwakukukhulu kakhulu olakeni lwami lokuba ngumIrishi, ukumela lokho. Ngathi, "Angizwa. Kunjalo."

99 Yathi, "Mnumzane," yasho. "Nanku umkhomo," yathi, "futhi uwuhlobo olubanzi lomkhomo." Yawubiza ukuthi wawuyini. Yathi, "Buyela lapho, uma ufuna ukuzenelisa, bese ukala ukugwinywa ayeyodingeka edlule kukho, bese ungitshela uma indoda ekhule ngokugcwele yayingedlula kulokho kugwinywa."

100 Ngathi, "Yingoba nje ungongakholwayo." Ngathi, "Lona kwakungumkhomo owawenziwe isipesheli. UNkulunkulu wathi 'Wamisela inhlanzi.' Yayiyisipesheli, imiselwe. Wayengamisela owodwa ukuba uphose phakathi yonke inqola yakwaloliwe eflethi, ukuba Wayefuna. UnguNkulunkulu." Ehhe. Ngakho, kunjalo. UNkulunkulu wenza lokho Afuna ukukwenza. Futhi ngikholwa ukuthi—ukuthi—ukuthi umkhomo wagwinya uJona.

101 Njengentombazane encane yayiza ngolunye usuku ivela etabernakele . . .

102 Yayingomncane, ethi ayibe njengalomdlwembe omncane izolo ebusuku, noma kulobubusuku, nezinwele zayo zikanywe zabhekiswa emuva lapha, niyazi. Okwayo okuncane . . . Ngicabange ukuthi ibibukeka. Umculi omncane, angiqageli . . . Ibophezekile ukuthi izwe. Ngithemba ukuthi angiwulimazi umuzwa wayo.

103 Kodwa, ibibukeka ngempela. Nalentombazane encane yayisanda kusindiswa nje, futhi yayineBhayibheli layo liphezu kwenhliziyo yayo, icula nje.

104 Kwakukhona umphikinkolo omdala owayakhe enhla nomgwaqo lapho, edolobheni elincane elithiwa iUtica, eIndiana. Wayesethi, "Ujabuliswe yini kangaka kulokhu ukusa na?"

Yathi, "Awu, ngithole uJesu nje."

105 Wathi, "Wazi kanjani ukuthi uMtholile na?" Wathi, "Yini le oyiphethe esandleni sakho, incwadi yomkhuleko na?"

Yathi, “Qhabo. YiBhayibheli.”

Wathi, “Ngiqagele uyaLikholwa?”

Yathi, “Ngikholwa konke nokuncu kwaLo.”

106 Wayesethi, “Uyayikholwa leyondaba phakathi lapho ngoJona nomkhomo na?”

Yathi, “Yebo, mnumzane. Ngiwakholwa onke amazwi ayo.”

Wathi, “A, ayinjalo, s’thandwa. Ungakukholwa Lokho.”

Yathi, “Kodwa ngiyikholwa ukuthi injalo.”

107 “Awu, manje,” wathi, “uzokufakazisa kanjani ukuthi kunjalo, ngaphandle kokukholwa, njengoba ukubiza na?”

108 “Awu,” yathi, “uma ngifika eZulwini, ngizombuza uJona.” Ngakho . . .

109 Nomphikinkolo wathi entombazaneni encane, wathi, “Uma-ke uJona engekho Lapho?”

110 Yathi, “Khona-ke uyodingeka umbuze wena.” Ngakho lokho nje kuthi akube ngaleyondlela okuyiyo, niyazi. Uma wayengekho Lapho, bayazi ukuthi wayekuphi.”

111 Ngakho, kunjengoba Lasho nje. Uma iBhayibheli lathi uJona wagwinya umkhomo, bengiyokukholwa, uma iBhayibheli lasho njalo. Ngakho ngikholwa ukuthi zonke lezozinto ziyiqiniso, onke amaZwi aLo, zonke izimo zeBhayibheli.

112 Nabantu abaningi beklabalasela uJona. Manje ake sithi, njengamaKristu . . . lokhu sikhuluma ngaye, njengomunye wabafo lapha uJesu akhomba kuye. Emuva, eminyakeni eminingi ngaphambi kukaKristu, wayeyisibonakaliso kulesosizukulwane. Futhi asicabange nje ngaye umzuzu.

113 Wayelapho, nezandla zakhe ziboshiwe ngemuva kwakhe, nezinyawo zakhe. Nomkhomo wawuzingela emanzini, ukuthola into ozoyidla. Awu, uma inhlanzi idla, siyazi iya phansi ngqo ekugcineni bese iphumula, lezozinhlambi, phansi ekugcineni ko—kolwandlekazi.

114 Nikeza ukudla inhlanzi yakho encane ebomvu efuywayo, bese uyibukela. Igcwalisa isisu sayo esincane, iyoqonda phansi ekugcineni kwesitsha bese iphumula isikhashana. Isisuthi, njenganoma yisiphi esinye isilwane nje.

115 Ibhubesi laseAfrika, uma li . . . Lizingela lize lithole into ethize elizoyidla, futhi liyobulala noma yini. Masinya nje liba namaqatha esithunywa senkolo, njenganoma yini. Ngakho, kodwa uma—uma lidla, liyowela bese liquba. Futhi ubungaleqa ngqo; belingeke likuhluphe. Belingasukuma futhi libhonge, ibhubesi eliselincane, noma likuxoshe, kodwa selidlile. Yilokho kuphela. Lisebenzisa amandla alo amakhulu nje ukuba libulale, ukuba lidle.

116 Nenhlanzi, ngenkathi isidlile, yayiya phansi ekugcineni manje. Futhi yayisisuthi kahle impela, ngiqagele, esiswini sayo. Yayinalomprofethi phansi lapho, esiswini sayo. Futhi njalo ngangithi ukumdabukela, ngoba u . . .

117 Abantu njalo ukhuluma ngokuthi, "Awu, Mfowethu Branham, nganginesandla esikhubazekile, futhi ngakhulekelwa, evikini eledlule. UMfowethu u*S'bani-bani*, umelusi wami, wangikhulekela, futhi ngempela angingcono." Awusoze wathola-bungcono, inqobo nje uma ubuka isandla. Ungeke wabuka isandla. Ufanele ubuke isithembiso. Ubuka njalo bese uthi, "Awu, kade nginesilonda esiswini sami, futhi sisalokhu sishisa." Lokho, lokho akuhlangene ngalutho nakho. Ufanele ukholwe. Yileyonto eyenza ukuphiliswa, ukukholwa kwakho. Uyabo?

118 Manje, buka. Ukhuluma ngezimpawu zesifo na? UJona wayesodabeni ngempela lwezimpawu zesifo. Bukani lapha. Ake sicabange ukuthi wahlubuka. Futhi usesiswini somkhomo, mhlawumbe amafatome angamashumi amane ukujula olwandlekazi, esiphephweni olwandlekazi, futhi elele ebuhlanzweni buze buyofika entanyeni yakhe, eqalaza, ukhula lwasolwandle lumzongolozele, ndawo zonke. Futhi wabheka *ngapha*, kwakuyisisu somkhomo. *Ngapho* kwakuyisisu somkhomo. *Ngapha* kwakuyisisu somkhomo. Yonk'indawo ayeyibona, kwakuyisisu somkhomo. Manje, wayenodaba oluhle lwezimpawu zesifo. Akukho-muntu phakathi lapha, okabi kangako, kulobubusuku. Ngiqinisekile.

119 Kodwa niyazi ukuthi uJona wathini na? Wathi, "Kungumoya nokuyize nje. Angizukukubuka, kodwa kanye futhi ngiyakubheka ithempeli laKho elingcwele." Nakho lapho okhona. Wala ukubona isisu somkhomo. Wala ukubona izimpawu esifo.

120 Ngani na? Wayazi ukuthi ngenkathi uSolomoni enikela lelothempeli kuNkulunkulu, ngenkathi iNsika yoMlilo enkulu nefu lilenga phandle lapho, Leyo (umkhuleko kaSolomoni) yedlula futhi yehla yase ithatha indawo yaYo yokuphumula ngomphongolo wesivumelwano. Futhi ngenkathi—ngenkathi uSolomoni ekhuleka, wakhuleka, "Nkosi, uma abantu baKho nomaphi beba senkathazweni futhi babheke ngakulentaba engcwele, noma lendawo engcwele, futhi bakhuleke, khonake uzwe useZulwini." Futhi uJona wayenokuzethemba ukuthi uNkulunkulu wawuzwa umkhuleko kaSolomoni, ngoba wayeyinceku kaNkulunkulu.

121 Futhi uma akwazi ukuba nalokho kukholwa okungako phezu komkhuleko womuntu owayenikela ithempeli lasemhlabeni; nomuntu, ekhuleka umkhuleko, okwathi ekugcineni, empilweni yakhe, wahlubuka; naphansi kwalezozimo, nalezo uhlobo lwezimpawu zesifo, akwazi

ukuba nalokho kwethemba okungako ukuthi uNkulunkulu wayezowuzwa umkhuleko wakhe; sifanele kangakanani-ke thina, kulobubusuku, ohlezi eBukhoneni bukaJesu Kristu ovukileyo, sibuke sisuke ezimpawini zethu zesifo, ukuya eZulwini uqobo lwaLo, lapho uJesu ehlezi ngakwesokunene sikaNkulunkulu, neGazi laKhe uQobo, ukwenza izinxuselo phezu kokuvuma kwethu! Ngenkathi, izinkulungwane ezisizungezile nasemhlabeni jikelele, lapho izimvuselelo ezinkulu zokuphilisa zishaya khona manje, ngalo impela lelihora kunabantu abaphiliswayo, umhlaba wonke jikelele. Ihora lilapha.

122 Manje, sibuka izimpawuu zethu zesifo na? Sizidabukela thina. Kanti, uJona, naphansi kwalezozimo, wakwazi ukubuka asuke ezimpawini zakhe zesifo. Wathi wala ukuzibuka. Wathi, "Zingumoya nokuyize nje. Ngiyobheka ngasethempelini laKho elingcwele."

123 O Nkulunkulu, siphe abesilisa nabesifazane abanokukholwa okumagebhugebhu, abangezukubheka izimpawu zesifo noma babheke noma yini uDeveli anikhangeza yona! Ibuyiseleni kuye. Nithi, "Ngikholelwa ekuvukeni kukaJesu Kristu. Ngikholelwa emandleni aKhe enele konke. Ngikholwa ukuthi uBukhona baKhe bulapha manje ukungikhulula kunoma yibuphi ubugqila uSathane abubeka phezu kwami. Futhi ngibheka e...Lapho Ahlezi khona, ngakwesokunene sikaNkulunkulu, ephilela njalo ukungenzela izinxuselo."

124 NgeGazi laKhe uQobo, njengomPristi oMkhulu, Uhlezi Lapho, phezu kwakho. Besifanele kakhulu kangakanani ukubheka eNdaweni eNgcwele kaNkulunkulu, lapho uJesu uqobo lwaKhe, uMlamleli wethu, okunguYena kuphela phakathi kukaNkulunkulu nomuntu, umi neGazi laKhe uQobo, ukwenza izinxuselo ekuvumeni kwethu! Amen. Ningatholi...*Amen* kusho ukuthi "makube njalo." Ngikukholwa ngayo yonke inhliziyo yami. Qaphelani.

125 Niyazi ukuthi uNkulunkulu wenzani na? Lena yingxaki kososayense. U...Angazi noma ngabe Wabeka ithende le oksijini yini phansi lapho, noma ukuthi Wenzani, kodwa lowomuntu wahlala ephila izinsuku ezintathu nobusuku, esiswini salowomkhomo. Angazi ukuthi Wenzeni. Kodwa Wamgibelisa mahhala, esuka le eTarashishi, wabuya wawelela eNineve.

126 Futhi niyazi, amadoda ezohwebo alowomuzi, isikhundla somsebenzi wawo kakhulu kwakungukudoba. Futhi ngoluny'usuku njenge...Ayekhonza umkhomo, ungu "nkulunkulu wolwandle," inunu enkulu kunazo zonke olwandle. Ngenkathi onke amadoda iphumile, cishe ngeleshumi nanye nqo ngoluny'usuku, edonsela amanetha awo phakathi, nakhu kukhuphuka "unkulunkulu wolwandle," ayekade emkhonza.

Wagijimela ogwini, wakhipha ulwimi lwakhe, nomprofethi waphuma ngqo emlonyeni wakhe. Unkulunkulu wawo uqobo wakhafula umprofethi. Akumangalisi amkholwa. UNkulunkulu wayemvezele wona. Futhi akumangalisi aphenduka, futhi embathisa izilwane indwangu yesaka. Awukholwa umlayezo wakhe. UNkulunkulu uyazi ukuthi zenziwa kanjani izinto.

127 Bukani ukuthi uJesu wathini lapha ngoJona, niyabo, ngaye. Wathi, "I—isizukulwane esibi nesiphingayo sifuna isibonakaliso." Ngingahle ngigcizelele ukukholwa kwenu kancanyana lapha, kodwa ngikholwa ukuthi Wayekhomba kulesisizukulwane. Ngizonitshela ukuthi ngani. Ngokuba, siyazi ukuthi lesi yisizukulwane esibi nesiphingayo.

128 Asikaze sibekhona isikhathi, kusukela eSodoma, ukuthi ongqingili nempendukezelo yayisekumasheni njengoba injalo manje. Uboke uye eofisi lami bese ufunda iposi lomama elivela eCalifornia nangakhona, ngenhlalo yabafana babo. O, iyesabeka! Futhi ngacosha iphepha lapha, eminyakeni ethi ayibe mibili edlule, ngindizela phezu kweLos Angeles, nalapho elathi i—isono esikhulu saseSodoma sasesande kakhulu lapho kangangoba sasesize sanda ngamapesente angamashumi amabili ngaphezu konyaka ngaphambili. Futhi nakho konke phandle, ngisho nasezikhulwini zikahulumeni, futhi kundawo zonke. Isono!

129 Yingenxa yokuthi abesifazane sebezenze bashibha kakhulu. Bazethwese khona. Futhi wu—wudaba lokushibha. Kwakuvame ukuthi, wawukhumula isigqoko sakho, kowesifazane emgwaqeni. Futhi manje ubungakwenza, ubeyokwedelela. Niyabo? U—u. . . Sizenze thina saba yisigejane senkohlakalo, sizehlisa isithunzi thina kakhulu.

130 Manje siyakuqaphela lokho, sithola ukuthi uJesu washo ukuthi, "Isizukulwane esibi nesiphingayo sifuna isibonakaliso, futhi kuyoba nesibonakaliso esinikwa sona. Ngokuba njengalokho uJona wayesesiswini somkhomo, izinsuku ezintathu nobusuku, kanjalo neNdodana yomuntu iyakuba se—senhliziyweni yomhlaba, izinsuku ezintathu nobusuku."

131 Wayekhuluma ngani na? Isizukulwane esibi nesiphingayo siyokwemukela isibonakaliso sokuvuka kukaJesu Kristu. Futhi yilokho esikwenzayo. Siyazi kulobubusuku ukuthi Akafile, kodwa Uyaphila kuze kube-phakade, futhi Unathi.

132 Ngalesisikhathi sezwe lebandla, nokujoyina ibandla, nokugcina umthetho ngamehlo nje, nezinto esinazo ezweni namhlanje, namalunga ebandla asivivi, abahleki abahleka usulu, behlekisa, "Benesimo sokumesaba uNkulunkulu, futhi bephika amandla kaMoya oNgcwele," okungukuthi, siyayalwa ukuba sibagweme. Ngalo impela lelohora, lalesosizukulwane esibi nesiphingayo, uJesu Kristu uyavuka, nasemandleni okuvuka kwaKhe, ukufakazisa ukuthi Uyaphila kuze kube-

phakade, nguyena izolo, namuhla, naphakade. Isizukulwane esibi nesiphingayo siyofuna isibonakaliso, futhi siyosithola. Kuyoba nalesisibonakaliso esinikwa bona, sokuvuka. Ngicabanga ukuthi siyaphila ukuba sisibone namhlanje.

133 Manje-ke Uya e, ubhekisela e, esizukulwaneni sikaSolomoni, ngenkathi uSolomoni efika enkundleni. Manje, sonke siyazi, njengabafowethu abangabefundisi nabafundayo, ukuthi leso kwaku—leso kwakuyisikhathi seminyaka eyiNkulungwane, cishe impela, sikaIsrayeli. Lowo kwakungunyaka wegolide kaIsrayeli. Bakha ithempeli ngalowonyaka. Babengenazimpi.

134 USolomoni wayeyindoda enesiphiwo. UNkulunkulu wayemnike isiphiwo esikhulu sokubona okufihlakele. Futhi wonk'umuntu ezweni, nganhliziyonye nakuzwana kunye, wayekholelwa kulesosiphiwo. Sasingundab'uzekwayo ezweni, ndawo zonke. Wonk'umuntu wayebesaba ngenxa yokuthi—yokuthi babazi ukuthi kwakukhona uNkulunkulu ophilayo phakathi kwabo.

135 Bekungebe kuhle yini kulobubusuku, ukuba bonke abe United States, ukuba yonke iMelika, ibingemukela isiphiwo uNkulunkulu asiphe sona, uMoya oNgcwele, futhi sikuzwana kunye besingavumelana phezu kwaso, futhi sisisekele, futhi—futhi nje njengoba benza ngalolosuku na? O, unyaka wegolide onje pho ebekuyoba yiwo! Isiphiwo esikhulu, "lapha kukhona oMkhulu kunoSolomoni," kodwa asisiniki izinhlonipho abazenza ngosuku lukaSolomoni.

136 Ngenkathi bebone lesisiphiwo esikhulu sisebenza kuSolomoni, wonke umuntu wakholwa, nganhliziyonye nakuzwana kunye. Isizwana sa—sakwaJuda, nesizwana sakwaBenjamini, nazo zonke ezinye izizwana, kwakungekho mehluko kuzo. Zazinhliziyonye nakuzwana kunye. Zazihlangana ndawonye, futhi zazithi, "Cabangani nje ngoJehova wethu omkhulu! Wasithumela isiphiwo, futhi sihlala phakathi komuntu."

137 Nezinto ezinkulu, ngani, u—udumo lukaSolomoni lwaya emhlabeni wonke jikelele. Nezinye izizwe zazithela kuye, zamthumela izinkabi, amakameli, nezipho ezinkulu zegolide, futhi—futhi zamsiza ngetshe nayo yonke into, ukwakha ithempeli.

138 Yilokho iMelika ekudingayo, kulobubusuku; akusiso isengezo esisha kwezombusazwe; akusilo ihlelo elisha ebandleni; akusiyo into ethize yalolohlobo. Badinga ukuhlangana ndawonye ngakuzwana kunye, futhi bakholwe futhi bemukele isiphiwo sikaMoya oNgcwele uNkulunkulu asithumele kithi ngalolu izinsuku zokugcina, lapho khona lena enkulu izimvuselelo zezimangaliso zosuku olukhulu lwamuva ethe chithi saka ezweni lonke.

139 Kodwa, noma yimuphi unyaka, uma uNkulunkulu ethumela isiphiwo esizweni, naleso sizwe sisale lesosiphiwo, lesosizwe singena enxushunxushwini. Benazi yini, cishe eminyakeni engamashumi amahlanu eyedlula, ukuthi, iRashiya, isiBusiso sephentekoste sathi chithi saka eRashiya, cishe eminyakeni engamashumi amahlanu noma amashumi ayisikhombisa-nanhlanu eyadlula, ngaphambi kokuba ize ifike lapha na? Kunjalo. Futhi basala, futhi niyabona ukuthi batholani. Noma yisiphi isizwe! Bukani iNgilandi namhlanje; ngenkathi imvuselelo enkulu kaWesley, lezo ezinkulu inguquko. Bukani izizwe ukuthi lapho imvuselelo enkulu yagadla khona, futhi ngenkathi beyala, ukuthi kwenzekani kubo.

140 Futhi noma yisiphi isizwe esiyokwemukela isibusiso uNkulunkulu asithumelayo, leso sizwe siyaphumelela.

141 Ngiyanitshela. Ngiyakholwa, kulobubusuku, ukuthi ukuphepha kwethu akukho ekwakheni imipheme yamabhomu noma into efana naleyo. Ngikholwa ukuthi isivikelo sethu senziwe ngezimpaphe. Phansi kwamaphiko aKhe, siyophumula. O, yebo!

142 Nizongena kanjani emphemeni webhomu na? Eyodwa yalawo mabhomu iyoqhumisa amamayela ayisikwele esiyikhulu namashumi amahlanu, namafidi angamakhulu amahlanu ukujula, emhlabathini. Ngani, ibiyoqhaqhazelisa onke amathambo kuwe, axege, ukuba bewehle wayothi ngqu obindizeni lwentabamlilo.

143 Kodwa kunendawo ephephile, naleyo ikuJesu Kristu. "Phezu kwalelidwala Ngiyakulakha iBandla laMi, namasango ehayidese angeLehlule." Leso yisivikelo sekholwa, phansi kwamaphiko aKhe nje, ngihlale ngokuphepha. Impela.

144 Qaphelani lesisikhathi esikhulu, ukuba abantu nje bebezokholwa yilokho uNkulunkulu abathumelele khona! Kodwa, ukuKwala, kungukungena enxushunxushwini. Futhi yilokho esikwenzile, njengesizwe, sale izibusiso zikaNkulunkulu, futhi saKushintshanisa ngesiko. Kodwa uNkulunkulu uthumele ufakazi, nabantu wehlulekile ukukubona.

145 Futhi ngicabanga ukuthi abantu bePentecostal, njengezinto eziningi nje uNkulunkulu anithumelele zona, futhi nokho amabandla ethu ahlezi engenalutho uhhafu. Umelusi akakwazi ukuzenzela khona. Abantu abangafundele lutho bazofanele basize kulokhu. Sonke singumhlanganyeli.

146 Yilokho okwaqala inxushunxushu esikhathini sokuqala, emkhandlwini waseNayisiya. Babefuna, ngenkathi, "Imfundiso yamaNikolawu." *Nico* kuchaza ukuthi "ukunqoba," na*bantu abangafundele lutho* kuchaza ukuthi "susa kubantu abangafundele lutho, yenza umuntu ongcwele."

147 Lowo akusuye umuntu ongcwele, igquma elingcwele. NguNkulunkulu ongcwele, uNkulunkulu ongcwele phakathi kwabantu. Abantu abangafundele lutho banengxenye yakho. Singabantwana. Abekho abakhulu phakathi kwethu. Ningaba kanjani nokukholwa uma nifisa izinhlonipho komunye nomunye na? Sonke simunye, kuKristu Jesu. Akukho madoda amakhulu namadoda amancane. Sonke siyafana. Singabantwana bakaBaba oyedwa, futhi singabantwana baKhe.

148 Manje siyaqaphela, uNkulunkulu usenzele zinto ezinkulu lesisizwe. Wathumela Tommy Osborn, uOral Roberts, na—namadoda amaningi amakhulu, ezweni lonke, kwajikiziswa zonke iziphiwo ezincane phambi kwabantu.

149 Kodwa kunjengetilosi elidala nje, ngesinye isikhathi, liya olwandle. Indoda yathi kulo, lelitilosi elidala . . . Lalingakaze . . . Lendoda, imbongi, yayibhale ngolwandle, futhi yaxoxa ngalo, kodwa yayingakaze ilubone. Ngakho, yayiza yehlela o—olwandle. Futhi, o, yathi . . . Yahlangana netilosi elidala. Lase lithi, "Uyaphi, ndoda yami elungileyo na?"

150 Yathi, "Ngehlela olwandle, ukuyozwa izinyoni zasogwini lolwandle, nokubona amagagasi alo anosawoti, nokubona isibhakabhaka esiluhlaza sizibonisa lona uqobo emanzini."

151 Itilosi elidala laphafuza inqawe yalo, kane noma kahlanu, lase lithi, "Angiboni lutho oluxhuxhumisa kakhulu kangako ngalo. Ngazalelwa kulo, iminyaka engamashumi amahlanu eyedlule." Impela. Lalibone okuningi kakhulu kwalo kwaze kwaba ngokwejwayelekile kulo.

152 Yileyo indaba ngabantu bePentecostal namhlanje. Kuyofika isikhathi lapho lenhlanhla iyosuswa kithi. Khona-ke niyoyikhalela, kodwa aniyikuyithola. Niyabo? Nibone okuningi kakhulu.

153 Owesifazane lapha, kungekudala eLouisville, eKentucky. Wayenengane encane, futhi wayehambahamba, umfanyana othi akabe neminyaka emibili ubudala, wayenjalo. Wayemphethe ngezingalo zakhe, futhi wayecosha izinto ezincane. Wayethi, "Buka, sithandwa, buka." Nomfanyana omncane wayevele ahlale nje futhi agqoloze. Wayewelela kwenye into ethize, athi, "Mtakwethu, awubheke lokhu." Nabantu esitolo baqala ukumbhekisisa. Uqala ukuba nokuhayiza. Futhi ngakho wacosha okukhehlezayo okuncane, okwakufanele kumhehe umfanyana kanjalo. Wathi, "Buka, s'thandwa. Buka, buka, buka, s'thandwa. Buka, mtakwethu, buka." Nomfanyana wavele wagqoloza nje.

154 Futhi wawela ngale kwamakhawunta. Abantu beza ngakuye futhi bamqukula, ukuba bathole ukuthi kwakuyini indaba. Wathi, "Umfanyana wami," wathi, "uqale nje ukugqolozela emkhathini." Futhi wathi, "Ngimuse kudokotela, nodokotela

wathi ungcono. Kodwa izinto ezifanele zihehe umfanyana onjengaye ayisamhehi. Ubonakala nje ephuphuthekile kuyo."

155 Lokho yinto efana nebandla namhlanje. UNkulunkulu unyakazise lonke uhlobo lwesiphiwo phambi kwebandla, Athembisa ukusinyakazisa, futhi sisalokhu sigqolozela emkhathini. Niyabo? "Banumzane, si . . . Mnumzane, Nkosi, sifisa isibonakaliso esivela kuWe." Niyabo? "Nkosi, sifisa lokhu." Kanti, Wenze yonke into, eBhayibhelini, Wethembisa ukwenza. Sisesikhathini sokuphela.

156 Nento yokuqala niyazi, nizothola, nithi, "Awu, akulotshiwe yini ukuthini sifanele sibe noHlwitho na?"

157 Futhi kuyoba njengoba kwakunjalo ngoJohane umBhaphathizi. Bathi, "Akulotshiwe yini emBhalweni ukuthi kufanele kube, kuqala, kuyoba noEliyase ofikayo na?"

Wathi, "UEliyase usefikile vele futhi anikwazanga."

158 Ngolunye lwalezizinsuku, uma iNhlupheko ingena, niyothi, "Kwakungafanele kube noHlwitho kuqala na?"

159 Futhi kuyoba, "Seluvele lwedlule, futhi anazanga lutho ngalo." Niyabo? Luyofika njengesela ebusuku.

160 Ngiyanitshela, yisikhathi sokuba abakholwayo balungise izibani zabo, bame mazonzwane. Isikhathi sokubiza sesiseduze. Sifanele sikukhumbule lokho.

161 USolomoni, bamkholwa, bonke abantu, nganhliziyonye nakuzwana kunye, futhi akumangalisi umlayezo waya ndawo zonke.

162 Kodwa, namhlanje, uma uNkulunkulu ethumela into ethize, uma ishaya i—ihlelo elithize, ibandla, amanye angeke azihlanganise ngalutho nakho. Qhabo, mnumzane. Uma kushaya amaBaptisti, ungabheki amaMethodisti ukuba enze noma yini. Uma kushaya iPhentekoste, abheke omabili ukuba ahlale ngaphandle, ngoba ayokwenza impela. Ngakho nakho lapho okhona. Kuya ngokuthi kuvela kuphi. Kuzofanele kuvele ngesiyingi sabo kungenjalo akunamsebenzi.

163 Leyo yinto efanayo abayicabanga ngenkathi uNkulunkulu ethume uJesu, ukuthi Wayezofanele aMthume ngabaFarisi, noma abaSadusi, noma abanye babo. Futhi WaMthuma kubobonke, nangamunye wabo. Yileyondlela uNkulunkulu enza ngayo. Yena nje . . . U, niyabo, Akezi neze kunoma yimuphi wabo. Ufika, wababiza ngesigejane sezinyoka otshanini. Kunjalo.

164 Futhi ngakho sithola ukuthi uNkulunkulu wenza izinto ngendlela yaKhe uQobo. Futhi ngeke sanquma ngokuphelele noma yini, futhi sithi, "*Lena* yingxenye yami, futhi awunamsebenzi. Awuboni ngezibuko zami, awubuki." Qhabo. UNkulunkulu unezibuko ngathi ukubuka ngazo, lowo nguMoya oNgcwele. Khona-ke kubona iZwi likaNkulunkulu futhi kuLikholwe, futhi kuthande futhi kuhlanganyele, futhi ingubo

yokulala ikude ngokwenele kumakhelwane. Futhi niyazi ukuthi ngiqonde ukuthini.

165 Izwe liyafa ngothando oluncane, nomuntu othize ukuba abanakekele. Kunjalo. Babone okuningi kakhulu kwalokhu okubandayo, okuqinile, izinto eziyisitashi. Kodwa, ngiyanitshela, loludaba oludala lwensindiso luyokwenza o—owengubo kakaliki nowengubo kasilika bagaxane. Iyokwenza owejakhethi yedina nowe avaloni babizane ngokuthi "mfowethu." Impela kuyokwenza. Kuyokhipha isitashi ngqo kuwe, uma uthola ngempela uKristu empilweni yakho, ngendlela elungile. Impela kuyokwenza.

166 Manje, sithola ukuthi uSolomoni, unyaka omkhulu, ukuthi udumo lwakhe lwaya ndawo zonke emazweni onke, nabedlulayo bezwa ngalo. Baluse kwamany'amazwe. Futhi i—indlela kuphela ababenayo ngaleyonkathi, kwakungesiyo itelevishini nezinto abanazo namhlanje, namaphephandaba. Kwakungomlomo nomlomo. Nodwendwe lwabo abahamba ngamakameli babefika bedlule, futhi bedlula, bese becosha uhwebo, bese beluyisa kwezinye izizwe. Futhi ekugcineni udumo lwakhe lwafinyelela ezansi le kulo lonke ugwadule lwaseSahara, endaweni ethiwa iSheba.

167 Kubizwa ngokuthi lapha, "Inkosikazi yaseNingizimu." Ake sixoxe ngayo lapha, imizuzu embalwa. Yayingencane, indlovukazi engumhedeni. Yayikade ikhuliselwe ukukhonza izithombe.

168 Kodwa, niyazi, "Ukukholwa kuvela ngokuzwa, ukuzwa iZwi likaNkulunkulu."

169 Futhi ezansi le phakathi lapho, iZwi lathola, ukuthi, "UNkulunkulu, uNkulunkulu ophilayo, wayehlala phakathi kwabantu baKhe." Nenhliziyo yayo encane iqala ukugxunyiswa yinjabulo.

170 Futhi kwakuthi njalo uma umhambi edlula, angene embusweni wayo, ukwenza uhwebo, lwesinongo nanoma yini ababedinga bashintshisane ngayo, kanjalonjalo, namagugu, ngani, yayibabizela enqabeni, bese ithi, "Nedlulile ePalestina na?"

"Yebo."

171 "Nihambile nedlula kwaIsrayeli. Ake nisho, ngifuna ukubuza into ethize. Kuyiqiniso yini ukuthi uNkulunkulu wabo uphakathi kwabo na?"

172 "O, ngikubonile! Ufanele ukubone. Ngani, awukaze ubone noma yini enjengakho. UNkulunkulu wabo wehlile futhi wagcoba omunye wabazalwane babo, futhi bamenze inkosi. Futhi, o, khona, uboke ubone ubunye babantu! Bonke banhliziyonye nakuzwana kunye. Nokuthi uNkulunkulu unisa wehlisa izibusiso nje. Futhi inesikhulu, isiphiwo esinamandla

sokubona okufihlakeleyo. Futhi nje i... Uma ufika phambi kwayo, kungaphezulu le kobuntu. Ku—kungaphezu kwemvelo, ukuthi ingazazi kanjani izinto."

173 Inhliziyo yayo encane iqala ukushaya. "Kunento ethize yangempela." Yayifuna ukuyibona leyo. Awu, kwaqhubeka njalonjalo. Into yokuqala niyazi . . .

174 Niyazi, ukukholwa kuvela ngokuzwa. Futhi uma uNkulunkulu eya kosebenzana nenhliziyo yomuntu, ikhona into eyenzeka ngaphakathi, ongeke nje wayibalela.

Nsuku zonke, iqala ukoma. Yayifuna ukukubona.

175 Niyazi, iBhayibheli lathi, "Babusisiwe abalamba bomele ukulunga, ngokuba bayakusuthiswa."

176 Manje siyathola. Ake sithi nje ukukwenza samdlalo wasesiteji kancane, ukuze abantwana bezokubamba. Ngingacabanga ngoluny'usuku eyase icabangisise kahle ukuthi yayizothola ukuthi ngabe kwakuyiqiniso noma qha.

177 Leyo yinto enhle. Awu, njengoba sishilo ngoFiliphu izolo ebusuku, "Woza, uzibonele wena."

178 Yayisiqale ukuba mhlawumbe ithenge i—i maBhayibheli, iTestamente eLidala, namaphepha ezikhumba okulotshwa kuwo, imibhalo egoqwayo. Futhi iqala ukufunda, ukubona ukuthi loNkulunkulu wayeyini, ababexoxa ngaye. Ibonile ukuthi Wayesebenza kanjani emvelweni yaKhe.

179 Futhi manje-ke ithola ukuthi yona impela imvelo nokuphila kwalowoNkulunkulu kwakubonakaliswa ngomuntu, Ezenza aziwe kubantu baKhe, ngabantu, Athembisa ukukwenza. Awu, inhliziyo yayo iqala ukulamba, ukukubona. Ngakho manje i . . .

180 Ngoluny'usuku, yathatha umcabango ukuthi yayizohamba iyokubona, ngesingayo.

181 Manje, lowo ngumqondo omuhle. Hamba uthole, ngesingawe. Ungathathi okushiwo ngomuny'umuntu. Hamba uthole. "Hlola imiBhalo," uJesu wathi, "ngokuba kuYona nithi ninokuPhila okuPhakade. Futhi YiYona efakaza ngaMi." Lokho nje Akusho.

182 Qaphelani manje. Inenekazi elincane, ukwenza lokhu, lalinenqwaba yezithiyo.

183 Manje, into yokuqala elalidingeka liyenze, lona, kuqala, lalidingeka liye kumpristi walo ongumhedeni futhi lithole imvume, ngoba laliyindlovukazi, owesifazane ohlonishwayo. Nebandla lombuso, niyazi, lapho, lalifanele. Babefanele banake, ngoba lalizodingeka ukuba li—lishiye inkolo yalo uqobo, ukuba liyothola ngenye elalingazi lutho ngayo, kodwa lalilambele ukwazi ngayo. Ngakho sengiyabona lenyukela kufata ocwebileyo wethempeli labahedeni, lase lithi, "Fata ocwebileyo, ngifisa... Ngizwa ukuthi ngale

kwaIsrayeli banoNkulunkulu o—omkhulu laphaya, Ozazisa ngabantu baKhe. Benza izibonakaliso ezinkulu, nezimanga, nezimangaliso."

184 Sengiyamuzwa umpristi ethi, "Manje, ndodakazi yami, lokho akulutho kodwa isigejane sabagingqiki abangcwele. Ungakulaleli lokho. Uyabo? Manje, uma kukhona noma yini eqhubekayo, izoba khona lapha eqenjini lethu uqobo. Uyambona unkulunkulukazi omkhulu uDagoni nabo bonke laba abanye lapha na? Uyababona laba onkulunkulu abakhulu esinabo lapha na?" Indluvukazi encane yahamba, imizuzu embalwa.

185 Niyazi, uma uNkulunkulu eya kosebenzana nenhliziyo yomuntu, kulukhuni ukuxoxa ususe noma ubani kukho. Niyabo?

186 Yathi, "Kodwa, buka, mnumzane." Yathi, "Bangitshela ukuthi imiphumela yangempela uyenzeka. Kukhona into eyenzekayo, ukuthi uNkulunkulu usebenzisa izindebe zomuntu, ngokuhlakanipha okungaka okuphakeme kakhulu kunoma yimuphi umuntu owaziwayo. Kungaphezulu le kokuthola, amandla uNkulunkulu awanikele phakathi kwabantu baKhe. Futhi bonke bakuzwana kunye. Ngifuna ukuyokubona."

187 "Ngani," wathi, "wena, uzokwehlisa isithunzi sakho, s'thandwa, uma ushiye lelibandla. Ungeke wethamele leyomvuselelo. Ngakho, asikuxhasi lokho."

188 Kodwa, niyazi, ngandlela thize, uma—uma—uma inhliziyo yomuntu iya ekulambeleni uNkulunkulu, uxhaso noma kungekho uxhaso, uyahamba, noma kanjani, niyabo, uma—uma uNkulunkulu eya ekusebenzaneni nesidalwa esingumuntu. Futhi ngithemba ukuthi anicabangi ukuthi ngingogxekayo, kodwa nje ngenza iphuzu. Niyabo?

189 Manje qaphelani. Into yokuqala niyazi, ngani, yathi, "Buka. Manje, buka. Sengibe kulelithempeli selokhu nganikelwa lapha njengentombazanyana. Umama wami wanikelwa lapha. Ugogo wami wanikelwa lapha. Ungitshele konke ngamandla alowonkulunkulu. Ungitshele zonke izincwadi ozifunde ngaye. Futhi akakaze enze nowodwa umnyakazo. Konke engikubonile, okunye okufundwa ephepheni, nje isigejane esifile sezivumokholo. Kodwa bangitshela ukuthi kunento ethize phezulu lapho ephilayo." Amen. Ibusiswe leyonhliziyo encane yendlovukazi! "Konke engikwaziyo isivumokholo esithize engasisho lapha. Angikaze ngiwubone umnyakazo ongaphezu kwemvelo noma lutho olunye. Impela, kwedlule kwesinye sesizukulwane sethu, kube nomnyakazo ndawana thize. Kuphela, idlingozi nje elincane, ukusithola ukuba sonke singene futhi sikhonze. Kodwa bangitshela ukuthi lona nguNkulunkulu ophilayo ophila kubantu baKhe. Futhi *lokho* yisithombe setshe."

190 "Manje, buka lapha, s'thandwa. Ngizokuxosha ebandleni. Igama lakho lizosuswa ngqo encwadini uma uhlanganyela phezulu lapho. Uyabo?"

191 Kodwa akwenzanga mehluko kuye. Niyazi, yayinenqwaba yezithiyo, kodwa ukukholwa kwayo kwakungenazo.

192 Ukukholwa kwakho akunazithiyo. Anginandaba ukuthi kukuphi, kuyini, akunandaba ukuthi ubani othi qhabo. Uma uNkulunkulu eqala ukusebenzana naleyonhliziyo yomuntu, iqala ukushaya umthambo phakathi lapho, ukuthi yiQiniso, futhi uthola ukuthi kuyiQiniso, akukho-nto ezokuvimba kuJesu Kristu. Kunjalo. Uyahamba, noma kanjani.

193 Ngakho akunandaba ukuthi zingaki izivumokholo ayengazisho ngekhanda, nokuthi wayefunde kahle kanjani, nokuthi wayengakhothama kanjani, nokuthi wayengazilalisa kanjani phambi kwesithombe, lokho akwenzanga nomnci umehluko kuye. Yayomela uNkulunkulu. Yayifuna ukuthola, futhi yayingezukweneliseka ize ithole, qobo lwayo. Yayibonile emBhalweni, yilokho Ayefanele abe yikho. Kodwa, manje, ngabe kuyosebenza na? Leyo yinto elandelayo.

194 Ungakhuluma noma ngani, kodwa ngabe kuzosebenza na? Ungasho yonke isayense yezibalo yakho, kodwa ngabe izosebenza na? Yinto elandelayo. Manje siyathola.

195 Manje, enye into eyayidingeka ibhekane nayo. Manje, yacabanga, uma yenyukele phezulu lapho. Khumbula, ugwadule lwalugcwele abantwana bakaIshmayeli, futhi bangabagibeli abanejubane nabaphangi. Lonke ugwadule lwalugcwele abaphangi ngalezozinsuku. Awu, inenekazi elincane, lacabanga lokhu, "Ngiyenyuka ukuthola ukuthi kuyiqiniso yini. Ngizothatha umnikelo othize, futhi uma kuqinisile, ngizokwesekela. Uma kungaqinisile, ngingabuya nomnikelo wami."

196 Abantu abangamaPentecostal bebefanele balalele lowo wesifazane. Nesekele izinto ezihlekisa ngani na? Niyekele uhlelo lwenu uqobo lomsakazo lwehle, nazo zonke ezinye izinto zabantu benu uqobo na? Kulungile.

197 Lalinokukhalipha okuthize. Lathi, "Uma ngithola ukuthi kuyiqiniso, kubiza yonke into kimi. Kodwa uma kungesilo iqiniso, khona-ke ngiyokwazi ukuthi akusilo iqiniso. Ngizohamba futhi ngiyozibonela mina. Futhi ngizothatha . . ." Lalayisha inhlaka emakamelini, ne—nemure, negolide, nesiliva, nezinongo ezidulayo, ne—nezinto ezazinenani. Lalayisha amakameli.

198 Futhi manje khumbulani, alihambanga lenyuka ngoKadilaki onesishayisa-moya. Lalifanele lihambe ngokugibela ikameli, lidabule ogwadule iSahara.

199 Akumangalisi uJesu athi iyoma esizukulwaneni, isilahle lesisizukulwane. Nabanye abantu lapha bangazi into efanayo iqhubeka, futhi ngeke bahambe banqamule umgwaqo.

200 Kala ukuthi kukude kangakanani ukusuka ePalestina, ukusuka—ukusuka eJerusalema, kwehlele lapho eyayikhona. Niyazi ukuthi kubathathe isikhathi eside kangakanani na? Izinyanga ezintathu, emhlane wekameli, ukudabula ogwadule olushisa bhe. Futhi yayinani na? Abathenwa nje abambalwa nezincekukazi zayo nayo. Mhlawumpe babefanele bahambe ebusuku. Ukushisa okuqonde ngqo kwalologwadule iSahara kuyesabeka, kukushisa ngqo kwehle. Futhi yayidingeka ihambe ebusuku.

201 Kodwa, uyazi, kunento ethize ngakho, ukuthi uma inhliziyo yakho iqala ukulamba nokomela uNkulunkulu, awunaki zingozi noma ndawondawo. Udokotela angahle athi uzobulawa ngumdlavuza. Kodwa uma inhliziyo yakho ike yashaya ukukholwa kuNkulunkulu, uyazi, uyakukhohlwa okushiwo ngudokotela. Inhliziyo yakho ayazi kwesaba, inqobo nje uma igcwaliswe ngokukholwa.

202 Yaqhubeka yahamba, ihamba ngasebusuku, mihla namalanga, mihla namalanga, ifunda leyomibhalo egoqwayo. "Manje ake sibone ukuthi uJehova uyini, ukuthi Wayeyini, ukuthi Wethembisani, nokunye nokunye, ukuthi Uyoba yini. Futhi ngizothola noma ngabe nguYe lowo kulomuntu. Ngiyabazi abantu ukuthi banjani. Futhi ngiyakholwa ukuthi ngizokwazi ukuthi uNkulunkulu uyini, ngoba ngifundile ukuthi Wayeyini."

203 Futhi mangisho lokhu eTucson kulobubusuku, Unguyena izolo, namuhla, naphakade. Kunjalo. Angeguquke. Abantu uyaguquka. Isikhathi siyaguquka. Kodwa UnguNkulunkulu ongaguquleki, noMlayezo ongaguquleki. Ungeke washintshaniswa ngezivumokholo. Ungeke washintshaniswa ngokuma kwamahlelo. Kufanele kube ngamandla okuvuka kukaJesu Kristu ekuZalweni okusha, ngoMoya oNgcwele. Lokho yisidingakalo sikaNkulunkulu. Akukho okungaphansi noma akukho okungaphezulu, kodwa lokho.

204 Manje siyathola, ekugcineni, emva kwazo zonke izinkathazo zayo—zayo nokunye nokunye; inhliziyo yayo, yoma. Futhi lapho iqala ukusondela emzini waseJerusalema, sengiyawabona amehlo ayo ekhazimula. Futhi yabeka imibhalo egoqwayo, futhi yagxumeka ithende khona ngaphandle, mhlawumbe esangweni lesigodlo ndawondawo, ilungiselela umhlangano. Manje, mhlawumbe yafika ngesikhathi sakusihlwa.

205 Ngokusa okulandelayo, ekuseni kakhulu, yaya ebandleni lapho umelusi wayezokhuluma khona. Futhi iseza ebandleni, ibone bonke abantu bethatha izindawo zabo, nomnyuziki uqala ukudlala. Futhi emva kwesikhashana, uMelusi uSolomoni waphuma. Mhlawumbe yayinesihlalo emuva le kwingemuva

lendlu yokukhonzela, kodwa yayivuma ukuhlala, ukubona ukuthi kwakuzothiwani.

206 Yayingafani nabantu banamhlanje. Usho into eyodwa enga...omunye umuntu akavumelani nayo, abanakho ukubekezela okude njengomzuzwana. Niyabo? Ngakho yingalesosizathu bengafiki ndawo. Kodwa yayifuna ukweneliseka. Manje, ayifikelanga ukuba ithi, "Ngizokwenyukela lapho nje," njengoba abantu benza namhlanje, "nezwi lokuqala umvangeli alishoyo, elithe ukuphambana kancane kulokho engikukholwayo, ngizosukuma futhi ngiphume." Niyabo? Awu, mhlawumbe benza lokho. Niyabo? Kodwa kukhombisa ukukhulisa okungaphusile, endaweni yokuqala, futhi kukhombisa ukuziphatha okungaphusile. Kodwa, noma kanjani, abantu benza lokho namhlanje. Ngoba, bezwa ukuthi abafanele bakwenze. Abakwenzi. Kodwa ufanele uhlangane noNkulunkulu, futhi uyofanele uphendule.

207 Manje sithola ukuthi lona wesifazane, wathola, uyafika, hhayi nje ukuhlalela umlayezo owodwa, ufikela ukuzohlala waze waneliseka ukuthi ngabe kwakulungile noma kuyiphutha. Futhi uthathe indawo yakhe, futhi walinda.

208 Futhi khona-ke owokuqala wenyukela phambi kukaSolomoni. Waqaphela ukuthi ukuhlakanipha kwalokho kubona okufihlakele kwatshela lowomuntu zona impela nje zonke izimfihlo zenhliziyo. Inhliziyo yakhe iqala ukugxuma. Wazi ukuthi kwakukhona okuthize kwangempela. Futhi udaba olulandelayo luyedlula, kwakuyinto efanayo. Khona-ke uqala ukoma, qobo lwakhe.

209 Wayenezinkinga eziningi, imiBhalo uyasitshela, ayefuna ukwazi ngazo. Futhi lapho efika, ekugcineni, mhlawumbe wazitholela ikhadi lomkhuleko. Mhlawumbe inombolo yakhe yabizwa, singakusho, ukukusho nje. Kodwa ngenkathi efika phambi kukaSolomoni, noma ngabe kwakungayiphi indlela, ngenkathi esukuma phambi kukaSolomoni, iBhayibheli lasho ukuthi kwakungekho lutho olungaziswanga kuSolomoni angakwembulanga kuye. Zonke izinto ayenazo, zifihliwe enhliziyweni yakhe, uSolomoni wakwembula ngoMoya kaNkulunkulu. Futhi ngenkathi ebone lokhu kwenzeka, konke u—ukuphila cishe kwase kuphumile endlovukazini encane.

210 Yasukuma phakathi kwabantu, futhi yathi, "Ayibusiswe iNkosi uNkulunkulu kaIsrayeli. Ayibusiswe iNkosi uNkulunkulu Okhethe uIsrayeli abe ngabantu baKhe, futhi ubeke uMoya waKhe phezu kwenkosi yaKhe futhi ukhombise lokhu kuhlakanipha." Wathi, "Abusisiwe amadoda anawe ngasosonke isikhathi, abona lesisiphiwo esikhulu sisebenza. Ubusisiwe, nokukubona." Yayifuna, ngisho, ukuthatha enye inhlabathi isuka—isuka phezulu kwaIsrayeli yehlele

ezweni layo. Yayeneliseke ngempela ngempela ukuthi kwakunguNkulunkulu. Futhi yathi, "Konke ebengitshelwe ngakho, bengingazi impela ukuthi ngikukholwe noma qha. Kodwa manje ngikubone kusebenza kwabanye, futhi manje kusebenze kimi, futhi ngiyazi ukuthi kuqinisile."

211 Akumangalisi uJesu athi, "Iyakusukuma ngoSuku lokwaHlulelwa futhi isilahle lesisizukulwane. Futhi, bhekani, lapha kukhona omkhulu kunoSolomoni." USolomoni wayengumuntu onesiphiwo sokubona okufihlakele. Manje, uJesu Kristu ulapha esimweni sikaMoya oNgcwele, na—nazo zonke iziphiwo zobuNkulunkulu kuwo wonke umzimba kaKristu, ubonakaliswa. Zonke izinto Azethembisa eBandleni, kuyakhonjiswa kithi.

212 Futhi abanye bethu banakekela kancane kakhulu. Abanye bethu banjalo: silokhu sibuka phambili. Inqobo nje uma uSathane ezolokhu ekwenza ubuke phambili entweni ethize ngaleya, wedlula ngaphezulu yona impela into uNkulunkulu akunike yona.

213 Lalelani kulokhu ukuphawula. "Umuntu njalo njalo udumisa uNkulunkulu ngalokho Akwenzile, futhi ebuka phambili kulokho Ayokwenza, futhi enganaki lokho Akwenzayo." Leso yisikhundla sesintu. Ubehlala njalo ekwenza lokho, nento efanayo injalo kulobubusuku. Abantu babuka ngale, futhi babuka emuva, futhi babona lokho uNkulunkulu akwenzayo; futhi bakhuluma ngoNkulunkulu omkhulu emuva ngaleya ePhentekoste, futhi bebheke uSuku olukhulu lwesikhathi seminyaka eyiNkulungwane lapho Eyofika futhi, futhi benganaki bona impela uBukhona baKhe ebukhoneni babantu baKhe, belungiselela lesosikhathi seminyaka eyiNkulungwane. Abakunaki. Kuyimvelo nje yabantu ukwenza lokho.

214 USathane ungena phakathi kwabo, ukufihla amehlo abo kuyo impela into uNkulunkulu ayithumela kubo. Yilokho kuphela azofanele akwenze. Uya ebandleni kakhulu impela nje njengoba ufuna ukuya, wenze noma yini oyifisayo, kodwa ukuba unganaki zona impela izinto uNkulunkulu azithumela kithi, ngani, si—siyali—siyaliwa.

215 Yini eyenza lowo wesifazane omncane asho lokho na? Ubone into ethize eyiyo ngempela. Ubone into ethize eyayingesiso nje isigejane sezivumukholo. Ubone ukuthi into ethize yabonakaliswa futhi yayingeyoqobo.

216 Kimi, noma yini efakaziswe ukuthi ingeyoqobo, ingeyoqobo. Ngiyacabanga, namhlanje, ukuthi izwe lonke lifanele likhathalele. Uma sikholwa ukuthi siphila esikhathini sokuphela, futhi sikholwa ukuthi ukuFika kweNkosi uJesu sekusondele, besifanele ngempela sikhathalele ezintweni eyenzekayo zalolusuku. Besifanele sikuhlole ngeZwi

likaNkulunkulu. Ngoba, siyowela ngakukho ngqo, kuyobe sekwedlule futhi angeke sazi lutho ngakho. Yileyondlela obekuhlala kungayo.

217 Abantu abazange babazi abangcwele kwaze kwaba sebefile. Abazange babaqonde abaprofethi kwaze kwaba sebefile. UJesu wathi, "Nina bazenzisi." Wathi, "Niwahlobisa kanjani a—amathuna abaprofethi, futhi oyihlo babafaka phakathi lapho."

Abazange bamqonde uPatrick oNgcwele kwaze kwaba wayesefile.

218 UJoan wase Arc, abazange bamqonde ukuba ngongcwele. Ibandla eliKatolika lamshisa, esigxotsheni, ngokuba ngumthakathikazi, ngoba ebone imibono. Futhi bambiza ngomthakathikazi, futhi bamshisa lowo wesifazane, esigxotsheni, ekhalela isihawu. Iminyaka ethi ayibe amakhulu amabili kamuva, bathola ukuthi wayengongcwele. Kusobala, benze ukuzihlawulisa. Bagubha leyo umzimba wabapristi futhi bawujikijela emfuleni. Ukuzihlawulisa. Impela.

219 Kwedlula ngqo phezu kwekhanda labo, futhi abakwazi. UNkulunkulu ukwenza ngaleyondlela, ukukhipha abantwana baKhe abakhethiwe, nokuletha ukulahlwa phezu kwezwe elenqaba iZwi laKhe nelenqaba uBukhona baKhe.

220 Bukani bonke labo befundisi ngalolosuku, bebuka phezu kwesiphiwo sikaNkulunkulu kuJesu Kristu, futhi bathi, "Kwakuyidemoni. Asifanele sizwe kuYe. Abapristi bethu uyaphikisana naLokho." Bakuphi kulobubusuku na?

221 Futhi bukani lowo wesifazane omdadlana onesimilo esibi, leyoMbewu kaNkulunkulu encane eyamiselwa ngaphambili ivutha enhliziyweni yakhe. Futhi kwathi masinya nje Lokho kubaneka kunganqamula, wathi, "Nkosi, ngiyabona ukuthi ungumprofethi Wena, futhi ngiyazi uMesiya uyeza ukwenza lokhu," niyabo, kwathi masinya nje into yokuqala ingabaneka, leyoMbewu encane eyamiselwa ngaphambili enhliziyweni yakhe.

222 Igama lakhe lafakwa eNcwadini yokuPhila yeWundlu ngaphambi kokusekelwa komhlaba. Futhi laba kanjalo nelakho, uma Like laba lapho. Niyabo? Kunjalo.

223 Futhi kuthi masinya nje lokho kubaneka kungafika lapho! Futhi wazi ukuthi lelo kwakuyihora ababelibhekile, uMesiya, futhi yilokho Ayezokwenza. Futhi ngenkathi ekubone kwenzeka, wazi-ke ukuthi kwakunguMesiya, futhi akabange esabe esaMbuza. Wagijimela emzini, futhi wathi, "Wozani, nibone uMuntu ongitshele izinto engizenzile. Akusiso impela isibonakaliso sikaMesiya leso na?" Ubone into ethize eyiyo ngempela.

224 Lendlovukazi encane ibone into ethize yangempela. Iguqula inhliziyo yabantu.

225 Kuyangikhumbuza. Njengoba nonke nazi, ngi—ngiyakuthanda ukuzingela. Ngangivame ukuzingela, phezulu ezintabeni eMpumalanga. Sengivala manje, ngifuna nje ukunitshela lokhu. Isehlakalo esincane esenzeka. O, ngi—ngiyakuthanda ukushona kwamalanga. Ngiyayithanda imvelo. Ngiyathanda ukuzwa ukubiza. Babhuqabhuqa onke amankentshane amakoyote nezinto. Ngikuthanda kanjani ukuwezwa empompoloza! Ngi—ngi—ngi—ngi . . . Into nje ethize ngakho! Ngiyakuthanda. Futhi ngiyayithanda impilo yangaphandle, utwa lubizana noTwa. NguNkulunkulu, kimi. Ngizwe ukunyenyeza kwamapayini, nangokubiza kwezinyoni, nguNkulunkulu kukho, kimi.

226 Manje qaphelani. Ngangivame ukwenyukela lapho ukuyozingela nomfo owayebizwa ngoBurt. Wayengumzingeli okahle. Wawungadingeki ukhathazeke ngaye. Wayengumnembi nomzingeli okahle, futhi wawungadingeki ukuba ukhathazeke ngaye elahleka. Wayazi lapho ayekhona.

227 Ngenyukela lapho sekuleyithi, ngomunye unyaka, ukuyozingela naye. Linye kuphela iphutha engalithola kuBurt. Wayengumzingeli okahle, kodwa wayeyindoda enesihluku kunawo onke esengake ngahlangana nawo empilweni yami. Wayenamehlo afana nawebanda, wona, uhlobo olufana namehlo atshekile, niyazi, njengabanye abesifazane abapenda amehlo abo namhlanje, ngaphezulu, uhlobo olufana nekati, futhi wayenawo owesifazane. Wayenalawo uhlobo lwamehlo, niyazi, ohlobo lwamehlo abukeka eyinqaba. Futhi wayevamise ukuba nonya kakhulu. Wayevamise ukudubula amazinyane ezinyamazane nje ukungenza ngiphatheke kabi. Futhi wayevame ukuthi kimi, “A, nina bashumayeli niyisigejane sabanenhliziyo yenkukhu,” Niyabo?

228 Ngase ngithi, “Burt, uma umthetho uthi ungalibulala izinyane lenyamazane, lokho kulungile, ngoba u—ubungako noma ubulili besilwane abunandaba uma umthetho uthi ungakwenza.” Niyabo? Ngathi, “Akukho lutho ngokubulala iwundlu. UAbrahama wabulala iwundlu futhi walipha uNkulunkulu. Lokho kulungile.” Ngathi, “Akukho lutho ngokubulala izinyane lenyamazane. Kodwa, Burt, ukwenza nje ukuba ube nesihluku. Ubulala elilodwa, bese-ke ubulala elinye, bese-ke ubulala elinye. Leso yisihluku. Lokho akulungile ukwenza lokho. Lokho ngukubulala ngamabomu.”

229 Wathi, “A, Billy, hlakanipha. Unenhliziyo yenkukhu njengabo bonke abanye abashumayeli.” O! wayenonya.

230 Kodwa ngalolosuku ngenkathi ngenyukela lapho, umkami wayenami. Saya endlwaneni yezingodo encane idlangala lapho, nabafo besifazane, sase silungela. Futhi uBurt nami sasuka ngalokho kusa. Njalo sasithwala i—i—iflaski igcwele ushokoledi oshisayo, nesemishi. Futhi sasizingela kuze kucishe

kube semini, bese-ke sehlukana, senyukela ngale ePresidential Range neMount Wilson, iMount Adams, kanjalonjalo. Bese-ke sehlukana bese sibuya bese singena ekhempini ngalobobusuku. Sasizingela inyamazane idiye enomsila omhlophe, enhle ngempela inyamazane idiye. Ngakho si . . .

231 Lowonyaka, wathi kimi, ngenkathi sisuka ngalokho kusa, wathi, “Heyi, Billy, nginokuzokumangaza. Ngizozithola ngalonyaka.”

232 Ngathi, “Yini leyo, Burt na?” Wafaka isandla phansi ephaketheni lakhe wayesedonsa impempe encane ayeyenzile, izwakala nje njengenyamazane idiye eseyingane encane ibiza umama wayo. Niyazi, izinyane lenyamazane elincane libiza, lokho kuthi “hwii” kwenziwe umsindo.

Ngathi, “Burt, ungeke wayisebenzisa into enjengaleyo.”

233 Wathi, “A, nakho lapho okhona. Usalokhu unenhliziyo yenkukhu, awunjalo na?” Futhi ngakho saqhubeka.

234 Futhi kuthi ukuba leyithi enkathini yonyaka. Lezozinyamazane amadiye ezinemisila emihlophe, uma zidutshulwa, izikhathi ezimbalwa, o, he! Ukhuluma ngokucasha! UHoudini wayeyimfundamakhwela. Ngakho zingacasha ngempela! Futhi ngakho manje-ke sa—sahamba kwaze kwaba ngeleshumi nanye nqo. Kwakukhona cishe ama intshi ayisithupha eqhwa emhlabathini. Asibonanga ngisho nomzila. Zazicasha kahle ngempela.

235 Ngakho, sekulapha cishe kweleshumi nanye, eleshumi nambili nqo, kwakukhona uhlobo lokushushumba kweqhwa, nesikhala, into ethize engubungako balendlu lapha. NoBurt nje wayephambi kwami. Wavele waqhotha nje *kanje*, wayeseqala ukubuye afake isandla ebhantshini lakhe lapha. Futhi ngacabanga ukuthi wayezo, sasizodla isemishi lethu, bese kuthi-ke sehlukane bese sibuyela ekhempini, sibuyele emuva ngalobo busuku. Wayephumputha ngemuva. Ngangicabanga ukuthi wayezokhipha ibhodlela lakhe, niyazi, noshokoledi wakhe oshisayo, ngakho ngabuyela emuva ukuthatha elami. Futhi ngenkathi ngenza, uphuma nalempempe encane.

236 Wangibuka phezulu ngalawomehlo ebanda, niyazi, wayesefaka leyompempe encane emlonyeni wakhe, *kanjalo*. Wayeseyishaya, njengezinyane nje lenyamazane idiye elincane, noma umfo omncane ebiza unina. Futhi ngenkathi eshaya leyompempe, ngapheshеya nje kwalowomcabo, omkhulu umama wenyamazane idiye, inyamazane yensikazi, yasukuma. Lowo ngumama oyinyamazane idiye. Wagxuma waya phezulu. Wakuzwa lokho kumemeza kwengane. Ngakwazi ukumbona engibuka phezulu, *kanjalo*, futhi esineka. Ngacabanga, “Burt awuzukukwenza lokho. Impela awuzukukwenza.” Wayesegwacisa ikhanda lakhe phansi. Wayishaya futhi.

237 Sengiyawabona nje amadlebe ayo amakhulu, lawomehlo amakhulu ansundu. Yaphumela ngqo kulesosikhala. Manje, lokho kuxakile enyamazaneni idiye ukuba yenze lokho, ikakhulukazi ngalesosikhathi semini, futhi iphume ngqo uma kuyinkathi yonyaka yokuzingela, ukuba iphume kanjalo. Kodwa yaphumela ngqo kulesosikhala, umcabo omncane, imfunda encane. Lokho akuvamisile impela kuyo ukuba yenze lokho. Kodwa yakwenzelani na? Yayingumama. Empeleni yazalwa ingumama. Nalokho kubiza kwengane yayo, ayicabanganga ngengozi. Yayicabanga ngengane yayo.

238 Futhi ngenkathi ngiyibona iphendukela eceleni; uBurt, ngamuzwa ehlisa ibhawodi kuleyo.30-06, futhi wayengumnembi. Ngimbone ephakama macala onke futhi ebeka unwele oluyisiphambano lwalesosibuko esandisayo maqondana ngqo nenhliziyo yayo ethembekile.

239 Ngacabanga, "Burt, ungakwenza kanjani na? Ungakwenza kanjani na? Impela ngeke ukwenze." Ngacabanga, "Lowomama, ephuma lapho ukuba amele ingane yakhe, bese kuthi-ke wena uqhumise leyonhliziyo ethembekile iphume kuye. Ungakwenza kanjani, Burt na?" Ngase ngima lapho.

Ngimbona ezithulisa phansi, eqondanisa kanjalo phansi.

240 Ngacabanga, "O, he! Ngi—ngingeke ngakubukela." Ngacabanga, "Lowomama, akukho angakwenza." Akazishayi ohlakaniphile. Akabukisi. Ungumama, kuye. Ingxenye yakhe—yakhe—yakhe, kuye, ungumama. Naleyo kwakuyingane ibiza, isenkathazweni, futhi uyayicinga.

241 Futhi ngenkathi ibhawodi liwa, inyamazane idiye yaphenduka yayisibuka umzingeli, ngoba wayesukumile. Lokho kwakusalokhu kungayixhuxhumisi. Yayisilungele ukufa. I. . .

O, ukuba abantu bebengaba njalo nje!

242 Ngaphendula ikhanda lami. Ngangingenakumbukela eyidubula. Ngaphendula ikhanda lami. Ngase ngiqala ukukhuleka, buthule, ngoba ngangazi ukuthi wayezongibhavumulela uma ngizame ukuyixosha. Nga—ngaphendula ikhanda lami *kanjalo*, ngase ngithi, "Baba Nkulunkulu, msize. Msize. Unga—ungamvumeli abulale lowomama, ezama ukucinga ingane yakhe, futhi yona ikhala kanjalo. Unga—ungamvumeli ambulale." Futhi ngangiphenduka, *kanje*, futhi ngaqaphela.

243 Ngangilalele, ukuzwa isibhamu ingebe siqhuma, noma ngamuphi umzuzu, kodwa isibhamu ingebe asizange siqhume. Ngalinda ngalinda. Futhi ngenkathi ngijika, ukuba ngibone, wayebambe *kanje*. Ngasibona isibhamu ingebe sihamba *kanje*.

244 Wajika, wangibuka phezulu, futhi ngalawomehlo ebanda abukeka enonya, izinyembezi lwaluqathaka ezihlathini zakhe. Wasiphosa emhlabathini isibhamu ingebe. Wangidumela

ngasemlenzeni webhulukwe. Wathi, "Billy, ngiholele kulowoJesu omaziyo." Khona lapho kulologu lweqhwa, ngamholela kuJesu lowomzingeli ononya. Uyidikoni ebandleni lamaBaptisti enhla lapho manje.

245 Ngani na? Kwakuyini na? Kwakungesikho ukushumayela. Kwa—kwa—kwakungesiwo amaculo awezwayo. Kodwa ubone into ethize eyayingesiyo eyokwenziwa, into ethize eyayingesiyo egqamile. Ubone into ethize eyayingeyoqobo. "Uma bethula, amatshe azakumemeza." Wabona ukuthi kwakukhona into ethize ndawo ndawo eyakwazi ukuthumela umuntu ebusweni bokufa, uthando olwakwazi ukuthumela lowomama wenyamazane idiye ebusweni bokufa, futhi nokho engesabi ukufa, ngoba uthando lwezinyane lenyamazane yakhe lubiza. Wayefuna ukwazi ukuthi ngabe wayekhona yini u—uNkulunkulu owayekwazi ukumnika lolohlobo lothando, futhi waluthola ngalolosuku.

246 Bangane, lapha kukhona omkhulu kunoSolomoni. UJesu washo ngesinye isikhathi. . . Kwakulotshiwe eBhayibhelini, njalo, "Umama angakhohlwa yingane yakhe encelayo na?" Lathi, "Angahle akwenze lokho, kodwa angeke Nganikhohlwa. Amagama enu aqoshwe entendeni yezandla zaMi." Futhi aqoshiwe, ngemilobo yezipikili ezandleni zaKhe.

247 Siyafuna. Impela, abesilisa nabesifazane abakholelwa kuYe, bayabuka ukubona into ethize engeyangoqobo. Ubungethande yini, kulobubusuku, ukuba ube ngumKristu kakhulu impela njengoba leyonyamazane idiye yayingumama na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Niyabo? Wayengesuye nje umama wokwenziwa. Wazalwa, engumama. Kwakunento ethize kuye, ukuthi wayengesabi lutho, ngoba kwambiza waphuma. Ukuba nje besingaba ngumKristu omkhulu kangako, njengoba wayengumama! Bangaki abangathanda ukuba nalesosehlakalo na? ["Amen."] "Nkulunkulu, mangilungele, ngokwethembeka kuJesu Kristu, ukuba ngihambe ebusweni bokugxekwa, ukuba ngihambe ebusweni banoma yini, futhi ngiveze obala uthando lwami lukaNkulunkulu. Akunandaba uma abakithi—uma abantu bakithi bengala, uma wonk'umuntu engihleka, uma wonk'umuntu engibiza ngefeshini endala, kumbe noma ngabe benzani, mangiveze obala uthando lukaJesu Kristu enhliziyweni yami, ngethembeke kakhulu njengoba leyonyamazane idiye yakwazi ukuveza obala ubumama." Niyalufuna lolo enhliziyweni yenu na? ["Amen."]

Manje khothamisa ikhanda lakho futhi asikhuleke.

248 Baba waseZulwini, lapha kukhona omkhulu kunoSolomoni. Kukhona lapha uthando olukhulu kunothando lolo leyondatshana lapho yalowomama oyinyamazane idiye ngalolosuku. Ukuthi wayekulungele kanjani ukubhekana nalowomzingeli, abhekane nalesosibhamu esikhulu, ngenkathi

azi, ukuthi noma ngamuphi umzuzu, inhliziyo yakhe yayizoqhunyiswa kuye. Kodwa, O Nkulunkulu, uma owesilisa noma owesifazane, noma ngisho isilwane, sesilungele ukuveza obala uthando! Ngiyakhuleka, Baba, ukuthi wonk'umuntu ophakathi lapha uzothi kulobubusuku emukele lohlobo lothando, ngisho nothando olukhulu kunalolu. Kwangathi bangebe namahloni ukwemukela uJesu njengoMsindisi wabo. Kwangathi bangebe namahloni ngalokho Abenzele khona. Kwangathi a . . . bangabi nawo neze amahloni ukuMvuma njengeNkosi noMsindisi. Kwangathi bangeke neze babanamahloni ukuMemukela njengoMphilisi wabo, ngokuba kulotshiwe, "ngemivimbo yaYo siphilisiwe thina."

249 Nkulunkulu, kwangathi Ungeza kulobubusuku futhi ube ngowangempela ngempela kithi, ukuthi sizobona ukuvezwa obala kukaNkulunkulu phakathi kwethu, ngangokuthi, ukuthi sizokwazi ukuthi uJesu Kristu, iNkosi ebethelwe, uvukile kwabafileyo futhi umi phakathi kwethu. Baba, ngiyakholwa, uma Uzokwenza kanye futhi, phambi kwabantu kulobubusuku, futhi uzikhombise Wena uqobo uphila esiphiweni esikhulu kunaleso uSolomoni ayenaso! Yisiphiwo sikaMoya oNgcwele eBandleni. Manje-ke, abesilisa nabesifazane phakathi lapha, Baba, bazodonselwa kuWe. Ngikunikela konke kuWe manje, Baba, nalendatshana elula yeBhayibheli, nangohambo lokuyozingela oluncane lolosuku lukaNovemba enhla lapho eZintabeni eziMhlophe. Konke ngokwaKho manje, Baba, futhi Yengamela kusukela lapha. Ngizinikela kuWe, nalenhlangano yebandla, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

250 Manje, bangani abangamaKristu, uma iNkosi yethu uJesu izokhombisa uthando lwaYo kini, ukuthi Iyanithanda, futhi izoza phakathi kwethu kulobubusuku, futhi izofakazisa ukuthi Ilapha, yiYo. Manje, noma ubani uyazi, njengoba sishilo. Ubungazi kanjani ukuthi bekunguJesu na? Niyabo? Ubungakwazi kanjani lokho na? Lesisihlahla esithize, esibukeke sengathi kwakuyisihlahla sesikhamo, futhi ukuba besithela amapentshisi, hlobo luni lwesihlahla ebesiyoba yilo na? Besiyoba yisihlahla sepentshisi. Ukuphila kuso bekuyothela amapentshisi. Futhi uma ungu—ngumKristu, ukuPhila kukaJesu Kristu kukuwe, ngoba nguMoya oNgcwele. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Bese kuthi-ke uMoya oNgcwele . . .

251 Uma nginitshele ukuthi umoya kaJohn Dillinger ubukimi kulobubusuku, beningangilindela ukuba ngibe nezibhamu, futhi ngibe phandle lapha futhi ngibe umphangi njengoba wayenguye. Uma nginitshele ukuthi umoya wengcweti ethize enkulu ubukimi, beningalindela ukuba ngikwazi ukupenda lezizintaba lapha njengoba nje zibukeka, ngoba umoya waleyongcweti ukimi. Futhi uma nginitshela ukuthi uMoya kaKristu ukimi, Washo, qobo lwaKhe, niyokwenza imisebenzi kaKristu. UJohane

oNgcwele 14:12 wathi, "Okholwa yiMi, imisebenzi eNgiyenzayo naye uyakuyenza; imisebenzi emikhulu kunalo, uyayenza."

252 Ngikucaphunile lokho kanye. Indoda yathi, "Impela, senza imisebenzi emikhulu kuneminye. Sishumayela iVangeli kulolonke izwe. Akayenzanga ngosuku lwaKhe."

253 Ngathi, "Nje ngikhombise imisebenzi Ayenza, kuqala, futhi khona-ke sizokhuluma ngemikhulu kuneminye." Niyabo?

254 Amapesente angamashumi ayisishiyagalolunye ezwe cishe impela awazi lutho ngoJesu Kristu. Izigidi zifa minyaka yonke, ezingazange zizwe ngeGama laKhe. Eminingi . . . Livangelwa ngokungaphansi namhlanje kunoma kwakulokhu kunjalo. Impela. Khona-ke ukhuluma ngokuthi, "'Imisebenzi emikhulu kuneminye,' ukushumayela iVangeli." Impela qhabo.

255 Manje, kunamakhadi omkhuleko, ngiqagele, linikeziwe namhlanje. Ngiqagele bayanikezela ngamakhadi omkhuleko. Futhi . . . [Omunye uthi, "Yebo."—Umhl.] Kulungile. Billy? Akekho lapha na? Mhlawumbe uphumile.

256 Awu, ngabe banawo yini amakhadi omkhuleko asukela izolo na? Phakamisa isandla sakho, amanye anikezelwe izolo, ninawo. Awu, sizoqala ngawo. Asibone, siqalephi na? Siqalaphi kwawa yizolo na? Elokuqala, bekuyilo na? Elokuqala kuya cishe kweleshumi noma eleshumi nanhlanu na? Kulungile.

257 Asikushintshe sikuphendule, siqale-ke kwenye indawo. Sifuna ukuwathola onke. Kodwa asishintshe, kwenye indawo. Asithathe sisuka . . . Asithathe ayishumi nanhlanu okugcina awo, kusuka emashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu kuya kwelekhulu. Ubani onekhadi lomkhuleko lamashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu na? Phakamisa isandla sakho.

258 Linda. Kungahle kubekhona amashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu amabili. Abengobani lawo okuqala na? O A, bekungesuye na? [Abafowethu ababili bathi, "U A."—Umhl.] U A.

259 U A, wamashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu. Kuno A ekhadini, namashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu. U A, wamashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu. Phakamisa isandla sakho. Ikhadi lomkhuleko u A, wamashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu. Yinenekazi lapha na? Kulungile. Woza *ngapha*. Amashumi ayisishiyagalombili-nesithupha, phakamisa isandla sakho. Amashumi ayisishiyagalombili-nesikhombisa.

260 Manje, uma ungenakusukuma, sizobona . . . Abangenisi bezokwenyusela khona lapha uma inombolo yakho isibizwa.

261 Amashumi ayisishiyagalombili-nesikhombisa, amashumi ayisishiyagalombili-nesishiyagalombili, amashumi ayisishiyagalombili-nesishiyagalolunye. Amashumi ayisishiyagalolunye. Asibone, manje, kuzoba noyedwa, ababili, abathathu, abane, abayisihlanu. Amashumi ayisishiyagalolunye,

amashumi ayisishiyagalolunye-nanye,-nambili,-nantathu,-nane,-nanhlanu, kuze kufike ekhulwini. Yimani umugqa kuloluhlangothi *ngapha*, kuze kufike ekhulwini.

262 Manje, uma—uma bonke bengekho lapho, futhi omunye umuntu enekhadi, manje, bamba ikhadi lakho nje, ligcine nje. Masinyane, ngizama ukukuthola.

263 Manje, nisabuka ngapha, manje, bhekisisani ngokusondele ngempela manje. Ngifuna ninake ngokusondele kulokho engikushoyo. Ikhadi lakho lomkhuleko alihlangene nalutho nakho, kuphela ukuba linimise umugqa lapha. Lokho akuchazi ukuthi uzophiliswa. Uphiliswa kuphela, hhayi ngekhadi lomkhuleko, kodwa ngokukholwa. Kunjalo. Bangaki osewake waba semihlanganweni futhi owaziyo ukuthi kunabaphiliswayo abayishumi koyedwa phandle lapho ezethamelini kunalowo ophiliswa lapha, phezulu lapha emsamo na? Impela kunjalo. Ukukholwa kwakho. Ukukholwa kwakho. Lokhu nje ukuthola umugqa womkhuleko ukuba uqale, yilokho kuphela, thola umugqa womkhuleko.

264 Manje bukani. Wonke umuntu ufundiswe lelisiko. Futhi ngiyakusho kubafowethu. Futhi okulungile. NgumBhalo. Kodwa sifuna ukubeka izandla komunye nomunye. Nikuqaphelile lokho na? Kodwa lokho kwakunganikezwanga abeZizwe. Lokho kwakungesiyo indlela abeZizwe abakwamukela ngayo.

265 AmaJuda, khumbulani, uJayiru wathi, "Woza ubeke izandla zaKho phezu kwendodakazi yami futhi izophila." Lelo kwakuyisiko lamaJuda. Kunjalo na? "Beka izandla zaKho phezu kwendodakazini yami futhi iyaphila."

266 Kodwa oweZizwe wathi, "Angifanele ukuba Uze phansi kophahla lwami. Khuluma izwi nje, yilokho kuphela. Inceku yami izophila."

267 NoJesu waphenduka futhi wathi, "Angikaze ngikubone ukukholwa okunje kwaIsrayeli."

268 Wathi, "Ngingumuntu ophansi kwegunya. Uma ngi . . ." Futhi yini ayiqondayo na? Ukuthi sonke isifo sasingaphansi kwamandla esikhundla sikaJesu Kristu. Konke Ayefanele akwenze kwakungukukhuluma iZwi.

269 Futhi Usevele uLikhulumile. Niyabo? Futhi yilokho engizama ukunitholela khona bantu ukuba nikuqonde.

270 Manje, abantu abaningi bacabanga ukuthi ufanele ulinde kuze kuthi umvangeli othize omkhulu onjengo, o, uMfowethu Osborn . . . NoMfowethu Osborn ungumvangeli omkhulu. Umfowethu, uMfowethu Oral Roberts, omunye umvangeli omkhulu. No—noMfowethu Tommy Hicks, nabaningi kakhulu balababavangeli abakhulu osezweni namhlanje, nicabanga ukuthi nifanele nilinde baze beze bedlule, ukuba niphiliswe.

Lokho akunjalo, akunjalo. Umelusi wakho unegunya elifanayo wonke owabo analo. Yebo, mnumzane.

271 Akukho-madoda amakhulu phakathi kwethu. Uma ikhona, khona-ke leyondoda isizixoshe yona uqobo eNhlanganyelweni. “Sonke simunye kuKristu Jesu.” Kunjalo. Simunye. Akukho-bantu abakhulu phakathi kwethu. Uma uba mkhulu, u—usuvele uzikhiphe wena uqobo, wasuka kuNkulunkulu. Asibakhulu.

272 Futhi—futhi uma umelusi wakho engekho lapho, into kuphela ofanele uyenze ngukukholwa iZwi omzwile elishumayela ngoJesu Kristu. Yilokho kuphela. Niyabo? Kunezinto ezinkulu eyenziwe.

273 Manje bukani. Asicabange ngalowo wesifazane omncane esithathisele kuye izolo ebusuku. Ngesinye isikhathi uJesu wayewela ulwandlekazi . . .

274 Ngifisa sengathi ngabe besinesikhathi, amaviki ambalwa lapha eTucson. Lapho, niyabo, into yakho ngukuthi, kul’khuni. Ufika endaweni, konke kusha kubantu, babona nje into ethize kanye, bathi, “He, lokho wuhlobo oluxakile, kodwa angazi.” Niyabo? Angikho lapha isikhathi eside ngokwenele ngani ukuba sejwayelane, ukukubona.

275 Lalelani. Ngibone imibono engamashumi ezinkulungwane leyo iNkosi uNkulunkulu enginike yona. Futhi ngiyazi kunabantu lapha olandele imihlangano, mhlampe izindawo eziningi. Bangaki oke waba kweminye imihlangano na? Asibone isandla sakho. Manje ngifuna ukunibuza into ethize. Akukaze kube nezwi elilodwa elikhulunyiwe kodwa lokho okuyiqiniso ngempela. Kunjalo na? Uma kunjalo, thanini, “Amen.” [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Akekho ongathi . . . Uma ekhona ongathi bake bawubona owodwa waleyomibono wehluleka, usenkululekweni ukuba ume futhi ungitshele kanjalo. Ngingasho lokho ngokuzungeza izwe, abantu abaphindwe kamashumi ezigidi.

276 [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Babazi kancane ukuthi Lokho kwakuyini.

277 Manje, abantu abavela etabernakele, khumbulani nje. Kunabantu abathize lapha ongenile. Ngibona ababili babangani bami lapha, uMnu. noNkk. Dauch behlezi lapha, noNkk. Brown, abevela enhla eOhio. Leyonto yaLokho isenhla lapho, nalowomsindo owasuka kanjalo, lowo owathunyelelwa emuva iziMpawu eziyisiKhombisa, yasho ngaphambili, konke nokunci kwakho, amaviki namaviki namaviki ngaphambi kokuba kufezeke. Bangaki phakathi lapha ongufakazi walokho, obesemihlanganweni futhi wakuzwa kuxoxwa na? Phakamisani izandla zenu, osendlini. Nakho lapho okhona. Nesayense bayashikashikeka ngakho.

278 Njengoba ngenkathi uGeorge J. Lacy ehlola lokho, ngamtshela. Ngathi, "Kunjengo kuKhanya nje okuphuzi. Kuvutha lapho."

Futhi bathi, "O, yisayense ephathelene nokusebenza kwengqondo."

279 UMnu. Lacy wathi, "Bengicabanga ukuthi bekuyisayense ephathele nokusebenza kwengqondo, nami, kodwa," wathi, "iso lomshini lalekhamera angeke lathatha isayense ephathelene nokusebenza kwengqondo." Qhabo. Kwakulapho. Kuyini na? Niyabo?

280 Manje bhekisisani. Ehlane, ngenkathi uNkulunkulu ehola uIsrayeli edabula ehlane, Wahola abantu badabula ehlane ngoKristu. Bangaki okwaziyo lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Bangaki owaziyo ukuthi iNgelosi yesivumelwano yayiyileyoNsika yoMlilo, yayinguJesu Kristu na? ["Amen."] Impela, yayinguye. Impela. Washo, Wabatshela, lapho kuJohane oNgcwele 6.

281 Bathi, "Wayengabukeki evile eminyakeni engamashumi ayisihlanu ubudala; futhi uthe, 'Ngaphambi kukaAbrahama'?"

282 Wathi, "Engakabikho uAbrahama, NGIKHONA." Waye ngu NGIKHONA owayesesihlahleni. Futhi Wathi, "Mina . . ." Yena . . .

Bathi, "Saphuza emanzini avela eDwaleni."

283 Futhi Wathi WayeyileloDwala. Amen. Niyabo, hhayi "Ngangikhona." "NGIKHONA." Wathi, "Ngivela kuNkulunkulu, futhi Ngiya kuNkulunkulu."

284 Manje, leyoNsika yoMlilo efanayo eyayisehlane, nabantwana bakwaIsrayeli, yenziwa inyama, uNkulunkulu ongene emzimbeni phakathi kwethu, esimweni sokuba yiNdodana kaNkulunkulu, eyasibekela intombi futhi yaYiletha, ukuze uNkulunkulu abe ngumuntu ukuze afe, ukukhokha inhlawulo yomthetho waKhe uQobo. Niyabo? YiVangeli.

285 Futhi-ke Wathi, manje, "Ngivela kuNkulunkulu, futhi Ngiya kuNkulunkulu."

286 Futhi masinyane emva kokufa kwaKhe, ukumbelwa, nokuvuka, kwakukhona iJuda elincane elalinolaka olukhulu futhi lizama ukufaka wonke umuntu ejele. Futhi lalisendleleni yalo lehlela eDamaseku, nemiyalo evela kumpristi omkhulu, ukubopha wonke umuntu. Futhi cishe impela ngesikhathi sasemini, lashaywa lalahlwa phansi emgwaqeni. Futhi ngenkathi lenza, labheka phezulu, futhi kwakukhona ukuKhanya okukhulu okwakhipha amehlo alo. Bangaki okwaziyo lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] INsika yoMlilo efanayo. Niyabo?

287 Futhi lathi, "Nkosi!" LiyiJuda, lazi ukuthi leyo kwakuyiNsika yoMlilo efanayo eyayisehlane. Lathi, "Nkosi, UnguBani na?"

288 Wathi, "Sawulu, Sawulu, uNgihluphelani na? Kulukhuni kuwe ukuba ukhahle ezinkandini."

Wathi, "Nkosi, UnguBani na?"

289 Manje, lindani. INsika yoMlilo efanayo, Wathi, "NginguJesu." Ehhe. Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

290 Niyakhumbula ngobunye ubusuku ngenkathi uPetru esetilongweni na? INto efanayo ingena ejele, yavula gengelezi iminyango phambi kwakhe, futhi yamkhipha.

291 Kuyini na? UJesu Kristu, onguyena izolo, namuhla, naphakade. Manje, uma lokho kwakungesikho, uma lokho kwakungenye into, ibizokwenza olunye uhlobo oluthize lomsebenzi. Kodwa uma lowo kunguMoya oNgcwele ofanayo owawusehlane noIsrayeli, kanti futhi wawukuJesu Kristu, manje UseBandleni. Wenza imisebenzi efanayo ngoba NgukuKhanya okufanayo. Niyabo? NguMoya ofanayo. Uma nje ubungakukholwa lokho, mngani! Hhayi mina; Yena! Niyabo? UngumPristi oMkhulu.

292 Owesifazane omncane, ngolunye usuku, wakholwa ukuthi WayeyiNdodana kaNkulunkulu. Wayenomopho. Futhi wathi phakathi kwenhliziyo yakhe, "Uma nje bengingathinta izingubo zaKhe!"

293 Ngicabanga ukuthi wathola lokho ku, kusobala, Elija, no "kuthatha induku." Futhi yilapho engicabanga ukuthi uPawulu wathola khona, "ukubeka amaduku," nokunye nokunye, kwakuyilokho omunye umuntu ayekwenzile.

294 Futhi wathi, "Uma nje ngingathinta ingubo yaKhe, ngikholwa ukuthi ngizosinda." Futhi wacindezela esixukwini waze wathinta ingubo yaKhe. Manje, ingubo yasePalestina iyantaza, futhi yayinengubo yangaphansi. Futhi ngakho wasuka futhi wahlala phansi.

295 Ngokomzimba, Wayengeke akuzwe, niyabo, ngoba ingubo iyingubo ende entazayo. Kodwa, Wama.

296 Futhi bonke abantu babekade beMgaxile, "Halo, Rabi! Mprofethi kaIsrayeli, siyajabula ukuba naWe ngapha nathi," nokunye nokunye.

UJesu wama, wathi, "Ake nilinde umzuzu. Ubani oNgithintile na?"

297 "Ngani," uPetru wathi, "Nkosi!" WaMkhuza. Ngamany'amazwi, washo into efana nale, "Nkosi, ungayisho into efana naleyo. Abantu bazomangala ngaWe. Ubani oKu

'thintile' na? Wonke umuntu uKugaxile. Wonke umuntu uyaKumbambatha. Ungasho ukuthi, 'Ubani oNgithintile?'"

298 Wathi, "Kodwa lolu uhlobo oluhlukile lokuthinta. Uyabo? Ngiyezwa ukuthi kuphumile amandla kiMi."

299 Wabuka phandle phezu kwezethameli. Nowesifazane omncane kungahle ukuba wayemile. Kungahle ukuba wayehlezi. Noma, noma ngabe wayekuphi, kwakukhona into ethize eyayenzekile. Futhi Wambona. Wayengeke azifihla. Niyabo? Wayethinte uNkulunkulu, ngalowoMuntu. Amandla, ukuqina, kwakuphumile kuYe. Wamtshela ngegazi lakhe, umopho, futhi wawusunqamukile.

300 Manje, lowo Jesu ofanayo ungumPristi oMkhulu ofanayo namhlanje. IBhayibheli lasho njalo. Ngabe kunjalo, bafowethu abangabefundisi na? [Abefundisi bathi, "Amen."—Umhl.] Niyabo? Lokho, "Manje UngumPristi oMkhulu, ohlezi ngakwesokunene sikaNkulunkulu, uBaba. Ehlezi lapho, ephilela njalo ukunxusela, umPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu."

301 Manje, awunalo ikhadi lomkhuleko. Ngeke ube phezulu lapha emgqeni. Kodwa uma ufuna ukwazi noma ngabe kuyiqiniso noma qha, thana nje kuNkulunkulu kulobubusuku, "Baba waseZulwini, ngiyagula. Ngifanele ngibe nosizo. Futhi ngi—ngisebenzisa konke ukukholwa enginakho. Ngiyazi akusuye lowomuntu omi lapho. Lowo ngumuntu nje njengoba nginguye, noma umyeni wami, noma umfowethu. Uyabo? Kodwa ngiyakholwa umuntu ukhulume iQiniso, ngoba ngumBhalo. Futhi ngiyakholwa ukuthi UngumPristi oMkhulu manje. Into, angiKuthinte, Nkosi, futhi Wena unguyena izolo. Wena . . . Lowomfowethu akangazi. Kodwa Uyaphenduka futhi usebenzisa izindebe zakhe, futhi ukhuluma kimi futhi usho njengoba Wenza kowesifazane."

302 Ngikuphosela inselelo, eGameni likaJesu Kristu, ukuba ube nalolohlobo lokukholwa, futhi ubhekisise ukuthi kwenzekani. Ubone uma kuqinisile noma qha. Yiqiniso. Kukholwe nje. Futhi uma ungakwenza lokho, awu, uNkulunkulu uzokubusisa.

303 Manje, ngabe ukhona lapha noma ubani ongakaze abekhona kowodwa wemihlangano ngaphambili na? Phakamisa isandla sakho. He! O! Siyajabula ukuba nawe lapha kulobubusuku. UNkulunkulu akubusise. Umhlangano omncane nje, isikhathi senhlanganyelo. Futhi nje ugijimele phakathi lapha, ngokwethuka, okobusuku obubili noma obuthathu, futhi usuke uhambe. Mhlawumbe ngesinye isikhathi, uNkulunkulu ethanda, abefundisi bethanda, singabuyela lapha ngesinye isikhathi, sibe nomhlangano omnandi, lapho esihlala khona amabili noma amaviki amathathu.

304 Futhi abantu abagulayo, ngesinye isikhathi, bayoba ne—nesimilela, kanjalo, kubo. Abazi ngisho ukuthi isimilela siyini.

Manje, ukuphila, njengesimila, kumbe noma ngabe kuyini. Ngukuphila. Ngukuphila okunga . . .

305 Uthi, esandleni sami, akukho mdlavuza lapho manje. Mhlawumbe uyoba khona, ngeliny'ilanga. Ngokujwayelekile, umdlavuza, uvela e . . . Kuyinhlayiya yegazi ehlubukile.

306 Futhi njengabanye benu bodadewethu ninqamuka ukuya esikhathini, futhi baninika lomjovo woketshezi olukhishwa yizindlala. Ningakwenzi. Yethembani uNkulunkulu nje. Uketshezi olukhishwa yizindlala luyinhlayiya yegazi ehlubukile, futhi nje nifaka umdlavuza kini ngqo. Niyabo? Angi . . . Dokotela, ungacabangi ukuthi ngizama ukuthatha indawo yakho lapha. Kodwa sengivele ngihlangane nokuningi kakhulu kwakho emgqeni womkhuleko. Niyabo? Ngakho, into yokuba yenziwe, nje bekani ukukholwa kwenu kuNkulunkulu. Futhi eyenu enhle ngempela, inyanga eqotho, udokotela wenu ekhaya, uyonitshela ukuthi lokho kuyiqiniso. Yibani nje nokukholwa kuNkulunkulu futhi niMethembe. Uyonedlulisa emathunzini. Ulapho njalo ukunisiza. Kunjalo.

307 Qaphelani. Siyathola, kukanjani uma-ke lesosimilela, siqala ukumila na? Kuyini na? Ukuphindaphindeka kwezinhlayiya zegazi, inhlayiya yegazi inqwabelana phezu kwenye.

308 Yilokho oyikho, nawe, ukuphindaphindeka kwezinhlayiya zegazi. Awu, uyazi ukuthi uvelaphi. Umshado ongcwele phakathi kukababa nomama, inhlayiyana encane yegazi. Uma bengizodabula umzimba wakho, kulobubusuku, ngiwuthathe ngenhlayiya yegazi ngenhlayiya yegazi, bewuzokwehlela kulokho kuphila okukodwa okuncane. Ngaphakathi kwalokho kuphila, kusobala, kunesithako semvelo segazi, futhi ngaphakathi kwegazi ngukuphila, futhi lokho kuphila nguwe. Manje, kuqala ukuphindaphinda izinhlayiya zegazi.

309 Futhi ngakho, yonke into yenhlobo yayo, inyoni nenyoni, inja nenja, umuntu nomuntu. Futhi kwenza . . .

310 Kodwa, niyabo, idemoni alinasimo. Umdlavuza, ubizwa ngomdlavuza, uvela egameni "inkalankala," okuchaza "imilenze esabalele," uyoncela. Umunca igazi lakho liphume kuwe. Ngokunye ukuphila. Ukuphila kuphila kuwe. Ngakho, kunokuphila komuntu. Futhi kunokunye ukuphila; futhi yilokho engikhuluma kukho, yilokho kuphila. Manje uma bethi, manje, niyakubiza, udokotela ukubiza ngokuthi, "umdlavuza," nabanye babo bakubiza ngesilazi, nabanye benu ukubiza ngezinto ezehlukile, amagama ezokwelapha. Kodwa, uJesu wakubiza nge "demoni," futhi yilokho okuyikho. *Idemoni* lichaza "umhluphi," futhi lilapho ukuthatha ukuphila kwakho.

311 Manje, ngezinye izikhathi, udokotela angakapuluta futhi awukhiphe wonke. Lokho kuyamangalisa. Kodwa uma-ke unalokho kubambelela okunjalo, ungeke? Manje, asisebenzani

nesigaxa, qobo lwaso. Sisebenzana nokuphila okukuleso sigaxa, manje, uma uthi, "Sathane, phuma."

312 Futhi ngingakufakazisa kini. Umuntu akabeke izandla zabo esandleni sami, futhi nginifakazelele, ngikhombise i—imiphumela okuwuthathayo. Nikubonile kwenziwa, abaningi benu. Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

313 Qaphelani manje. Uma lokho kuphila kuphuma lapho, kwenzekani na? Ubuyela emuva ngosuku olulandelayo, kuyashwabana. Noma yini iyazi, emva kwayo yonke into . . . Noma ubani uyazi, uma kufa noma yini, iyashwabana. Ubulala inyamazane idiye, khona-ke ikale futhi utshele abazalwane ukuthi isinda kangakanani, futhi iphose esikalini ekuseni, izoba lula ngamaphawondi. Uma umuntu efa, onamazinyo okufakelwa, bayawakhipha; iso lokufakelwa. Isizathu, ayo . . . wona, ayashwabana. Ayophuma.

314 Awu, khona-ke, emva kokuba isilele lapho isikhathi eside kangako, njengesilwane esincane, inja, igayiswe emgwaqeni, ilele elangeni, iqala ukukhukhumala, khona-ke iya ngokuba nkulu kunoma ibinjalo endaweni yokuqala. Isiguli-ke sizoqala ukugula cishe emva kwamahora angamashumi ayisikhombisa-nambili, ngenkathi ukubola kungena. Bazoqala ukuthi, "O, ngigula kakhulu kunoma benginjalo. Ngilahlekelwe ukuphiliswa kwami."

315 "Futhi uma umoya ongcolile uphuma kumuntu, uya ezindaweni ezomile, ubuye ubuye futhi." Niyabo? Futhi uma ungakholwa ngempela, akunandaba ukuthi kususwa kangakanani kuwe, uma ungazi ukuthi kwemukelwa kanjani futhi ukukholwe! Uma sekubuyela emuva, usalokhu wazi ukuthi sekuhambile; futhi uma ukwemukela, khona-ke akukho lutho kuphela ukufa. Kodwa yini indaba na? Ubeka i . . .

Ukuba-ke ubunenyoka kuwe, ende cishe *kangako* na? Ubuzofa.

316 Awu, kuyini na? Inhliziyo yakho iyashaya futhi ihlanza umgudu wegazi. Futhi yilokho okubangela umkhuhlane, ukuthelelana kwesifo. Bese kuthi-ke uma lesosimilela, silele emzimbeni womuntu, futhi sifile, futhi ukuthelelana kwesifo kuyangena, noma kuqala ukukhukhumala, nenhliziyo izofanele ishaye ikhiphe lokho, ihlanza igazi. Ngani, kusobala, uba mubi kakhulu.

317 Kodwa abantu, lapho, abangenakho ukukholwa, bayagijima nje bangene, futhi ngempela bathola ukusizakala. Ngibona abantu . . .

318 Ngobunye ubusuku, indoda eyayinezilazi phezu kwamehlo ayo, yagijima yehla futhi yadlala upiyano, futhi yayisikwazi ukubona. Iyenyuka futhi yathatha leliBhayibheli elifanayo futhi yafunda kulo. Futhi cishe ebusukwini obune kamuva, yayingakwazi ngisho ukubona isandla sayo phambi kwayo.

Iyabuya, yathi, "Ngilahlekelwe ukuphiliswa kwami." Kwakuyinto enhle nje ukuba lapho. Iyafika.

319 Ngathi, "Mfowethu, lokho kuyiphutha. Wena—wena, usuwenze . . . Ukholwa ngokungesikho."

Yathi, "Awu, Mfowethu Branham, ngaphiliswa. Kodwa . . . "

320 Ngathi, "Qhabo, yisilazi sivuvuka, mnumzane. Yiba nje ulokhu ukholwa. Ungangabazi. Uma ungabaza, sizobuya. Yiba nje ulokhu ukholwa. Wathi wakholwa. Khona-ke, ubuyisela emuva okushilo. Ungakusho ngaphandle uma ukukholwa." Ngayikhuthaza futhi ngayitshela. Yahlala lapho, yayilapho amaviki amabili. Ekupheleni kwamaviki amabili, yayisikwazi ukufunda iBhayibheli kahle njengoba nje noma ubani omunye ayengakwenza. Niyabo?

321 Manje, uma yayingabanga nayo imiyalelo yokuthi yenzeni, futhi yilokho okutholayo, ugijime ungena kanje. Nento yokuqala uyazi, khona-ke konke kuwela emuva kumelusi, futhi bathi, "Awu, abaphiliswanga." Niyabo, yingoba ibandla aliqeqeshiwe. Abaqondi ukuthi kwenziwa kanjani, ukuthi bafanele benzeni. Futhi abanakho, nhlobo, ukukholwa. Banenqwaba yethemba.

322 Kodwa, manje, engizama ukukwenza, akusikho okwenu ukuba nithi, "Uyazi ukuthini? UMfowethu Branham wabeka izandla kimi, futhi, mfowethu, ngasinda." Angifuni ngisho nokukuthinta. Ngifuna uthinte Yena. Niyabo? Anginalutho lokukwenza ngakho.

323 Kodwa esiphiweni uNkulunkulu anginike sona, uma ngingabonakalisa uKristu, ukuMkhombisa nokuMletha eqinisweni lapha phambi kwenu, iZwi qobo lwaLo lenziwe inyama phakathi kwethu, futhi likhombisa ukuthi nguNkulunkulu, khona-ke uvele nje uthinte Yena futhi ubone ukuthi kwenzekani. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini, bangani na?

324 Awuyifuni into ethize enkulu. Uma uyifuna, ungeke uye ezindaweni ezincane. Ngangisensimini, eminyakeni eyedlule. Angikaze ngivumele imihlangano yami ukuba ikhule ifike endaweni. Anginamathelevishini. Anginalutho okudayisayo. A—anginalutho, uKristu nje. Futhi ngi . . . Uma okuthize . . . Ngiya kuzo izindawo ezincanyanyana lapho abanye babafowethu onalezizinhlelo ezinkulukazi abangeke baya khona, ngoba bafanele babe nezinkulungwane zamadola nsuku zonke, ukugcina uhlelo lwabo. Angidingi ngibe nalutho, nje okuningi kukaNkulunkulu. Niyabo? Futhi ngingaya noma yikuphi lapho Angithuma khona. Niyabo? Futhi yilapho engingaya khona.

325 Ngashumayela imvuselelo lapha kungekudala, ebandleni elalihlala amashumi amabili. Kwakudabukisa, kodwa sayibamba, noma kanjani, ngoba iNkosi yangitshela ukuba ngiye lapho. Niyabo? Bese kuthi-ke ngihambe futhi ngishumayele esixukwini sezinkulungwane ezingamakhulu

amahlanu. Omunye umuntu uyakuxhasa futhi angiwelise. Angikhathazeki ngalutho. Ngikhathazeka nje ngokukugcina kukahle, phambi kwaKhe. Niyabo? Ungithumela nomaphi lapho Afuna ukungithumela khona.

326 Manje, kulobubusuku, ngokwazi kwami, kulomugqa, abantu bayizihambi kimi.

327 Bangaki ophandle lapho, ongaziwa kimi na? Phakamisa esakho. . . Owaziyo ukuthi angazi lutho ngawe, phakamisa isandla sakho, u—udinga uKristu. Kulungile. Kholwa nje manje. Ngicabanga ukuthi kube yikhulu lamapesente.

328 Manje, ngenkathi lomugqa womkhuleko usenyukela lapha, qala ukukhuleka ezansi lapho, kuNkulunkulu ukuba akwenze. Futhi uma Ezokwenza lokho, uzokholwa, uzokholwa na? Thanini "Amen." [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

329 Manje, bangaki owaziyo ukuthi leyo yindlela impela Azikhomba ngayo Yena njengoMesiya kaNkulunkulu na? Bangaki okwaziyo lokho, kukho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Niyabo? Kunjalo impela. Kunjalo impela. Futhi Unguyena izolo, namuhla, naphakade. "Angenzi lutho ngize Ngibone, lokho eNgibona uBaba ekwenza."

330 Ngifuna ukuthatha wonke umoya phakathi lapha ube ngaphansi kokulawula kwami, eGameni likaJesu Kristu, okwenkazimulo kaNkulunkulu.

331 Gcinani izihlalo zenu. Hlalani nithule. Ningayaluzi. Uma ninyakaza, niyabo, ngamunye ungumoya. Niyakwazi lokho na? Uma ungeke ukwenze, uzoba ngofile. Niyabo? Futhi—futhi ukungakholwa kwakho. . . Futhi ngithi, "Khothamisa ikhanda lakho," kwenze. Ngithi, uma Kukubiza ukuba usukume, sukuma. Futhi noma ngabe Kuthi yenzani, yenza nje lokho oKuyikho. Ngoba, Akusimina. NguYe.

Manje qalani umugqa wenu womkhuleko, noma ngabe kukuphi.

332 Baba waseZulwini, angeke kube kade size isikhathi siphele. Abami emva kwami lapha kulobubusuku abelusi bezimvu, abefundisi, osebikezele futhi washo ukuthi ihora lizofika lapho lokhu kuzokwenziwa. Amanye amaqhaqwe amadala, iminyaka eminingi edlule, emi ekhoneni, ephethe isiginci ngesandla sawo, esho ukuthi kuyofika usuku. Futhi lapha ngamanye awo lapha kulobubusuku, namadodana awo alapha. Baba, kuphela aphendla indlela ukukwenza kube yikho ngempela. Manje kwangathi singakwemukela, Nkosi. Siphe khona. Futhi kwangathi, ndawonye, thina sihlanganyela ngapha kulesisiphiwo esikhulu uNkulunkulu asithumele kithi, uJesu Kristu. Siphe khona, Baba.

333 Manje, Nkosi, Wena uyazi ukuthi angazi noyedwa walababantu. Angazi lutho ngabo. Wena ubazi bonke. Futhi

ngizama ukwenza abantu babone, Nkosi, ukuthi akusiwo amadoda amakhulu, ibandla elikhulu. NguNkulunkulu omkhulu, noJesu Kristu. Ngiyakhuleka ukuthi UzoMenza aziwe kulobubusuku kithi, ngokuthobeka.

334 Manje ngiphosele inselelo izethameli, Nkosi, ukuba zibuke kuWe. Futhi makuthi abanye babo phandle lapho, Nkosi, omunye umuntu, ngiyakhuleka ukuthi Uzovumela uMoya oNgcwele uhlolisise ukukholwa okuthize lapho kulobubusuku, okuzobangela izethameli ukuba zithole umdlandla, ukubona ukuthi kukhona into ethize eqhubekayo. Futhi kwangathi bangaqonda, futhi wonke ngamunye aphiliswe. Kwangathi kungebebikho muntu ogulayo phakathi kwethu, kulobubusuku, uma inkonzo isivaliwe. Kwangathi wonke umuntu ongasindisiwe angasindiswa, uma bezwa futhi bazi ukuthi base Bukhoneni bukaNkulunkulu impela oyobahlulela ngolunye uSuku. Sikunikela konke kuWe manje. Futhi ngizinikela kuWe. Ngisebenzise, Nkosi, njengoba Ubona kufanele, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

335 Manje, ngi—ngiyanicela ukuba nithule ngempela futhi nibe semkhulekweni. Manje, cabanga nje . . . Manje, uma noma ubani engacabangi ukuthi lokhu kuvela kuNkulunkulu, khona-ke, eGameni likaJesu Kristu, ngikuphosela inselelo ukuba uze lapha futhi wenze into efanayo. Bese kuthi-ke, uma ungeke ukwenze, ungasho lutho ngakho. Kuhlole emiBhalweni, uyabo. Uyabo?

336 Manje, ngokwazi kwami, neBhayibheli likaNkulunkulu lapha phambi kwami, nalesisigejane samadoda sihlezi lapha, singibuka, nasebukhoneni balabababantu, lona wesifazane uyisihambi kimi. Angimazi. Ungowesifazane nje emi lapho. Angazi lutho ngaye.

337 Uma egula, futhi ngi—futhi benginanoma yiyiphi indlela yokumphilisa, impela bengingakwenza. Niyakukholwa lokho, anikukholwa na? Bengingakwenza uma bengingakwazi. Kodwa, angeke. Akekho omunye ongakwenza.

338 Ukuphilisa kuvela kuNkulunkulu, futhi Usevele ukwenzile. Kodwa uma—uma uNkulunkulu ebengenza into ethize, ukukwenza uqonde ukuthi Uselokhu elapha, futhi Yena lapha ukugcina isithembiso saKhe. Uma Egcina *lesi* sithembiso, khona-ke Uzosigcina, Uyasigcina isithembiso sokuphilisa, kusobala. Niyabo?

339 Bese kuthi-ke uma—uma uJesu ubemi lapha kulobubusuku, nalesudu Angipha yona, futhi ubungenyukela kuYe futhi uthi, "He, Nkosi, ngiyagula. Ngifuna Ungiphilise."

340 Ngikholwa ukuthi bekungaba yinto enjengale. Ubengathi, "Mntwana, awuyikholwa imiBhalo engcwele na? Ngafela leyonhloso. Ngathenga ukuphiliswa kwakho eKalvari, ngenkathi Ngikuhluphekela."

"Kodwa Ubani engimaziyo ukuthi UnguBani na? Ngabe UyiNkosi yaMi na?"

341 "Awu, yini eNgayenza ngenkathi Ngilapha emhlabeni, ngaphambili, ukuzenza Mina ngaziwe kubantu, kubo bobabili amaJuda namaSamariya na?"

342 Akukaze nakanye ukuba lesosimangaliso senziwe phambi koweZizwe, ngoba abeZizwe wayengasibhekile. Manje wusuku lwabeZizwe, lapho bethola esabo manje. Futhi yilolu usuku, ukuthi Wathi, "Izwi elimelene noMoya oNgcwele, ubizwe ngomoya omubi, abasoze bathethelelwa abantu."

343 Manje, owesifazane, sobabili lapha phambi kukaNkulunkulu, futhi phansi kweBhayibheli, ngokoqobo thina, uyabo, asazani, asikaze sibonane. Futhi angazi, anginawo nowodwa umcabango, ukuthi umeleni lapho. Angikaze ngimbone empilweni yami, naleli yiBhayibheli ezandleni zami. Futhi njengomfundisi, bekungangenzela buhle buni ukusho lokho, uma bekuyiphutha, ngizilahla mina na?

344 Angidingeki ukuba ngibe lapha ngenza lokhu. Ngiza ngoba ngizwa ukuthi ngisentandweni kaNkulunkulu. Ngizile ngoba ngiyazi ukuthi uSuku lokwaHlulelwa luzoshaya iTucson ngelinye ilanga. Futhi uNkulunkulu uzama ukunitholela uMlayezo, futhi ngifanele ngibe ufakazi waKhe. Akukho lutho kimi, ngingomncinyana phakathi kwenu. Ngingumfowenu nje. NguJesu Kristu, kodwa Uzofanele abe nothize ukusebenza ngaye. Wenza lokho kukhetha, qobo lwaKhe. Wamisela ngaphambili lokho ukuba kubenjalo.

345 Manje, uma uMoya oNgcwele uzongitshela ukuthi lowo wesifazane uyini, noma ukuthi yini ayenzile, noma yini, into ethize ngaye, uyazi, uzokwazi ukuthi yiqiniso noma qha. Ungeke na? Impela. Ubuzokwazi noma kuyiqiniso. Futhi uma kungesilo iqiniso, khona-ke akusuye uNkulunkulu. Kodwa uma kuyiqiniso, khona-ke nguNkulunkulu.

346 Bangaki kini abazokholwa manje ngayo yonke inhliziyo yenu futhi bakwemukele na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

347 Manje nakhu lapha esikhona, phansi kwesifungo, phansi kweBhayibheli, phambi kofakazi baKhe, phambi kofakazi lapha. NeBhayibheli lilele lapha, elathembisa ukuthi izinto eyenziwa ngaphambi nje kokuba iSodoma lishiswe ziyokwenziwa ngaphambi kwabeZizwe, ngaphambi kwe... bayabhujiswa. Ukubiza kokugcina enzalweni kaAbrahama, inzalo yasebukhosini!

348 Manje, noma ubani uyazi, owesifazane umile evale amehlo akhe, ephindaphinda nje iZwi, lomkhuleko. UngumKristu, ngoba, ngenkathi kuqala enyuka.

349 Uyathola, kanye ngasikhathi, ozifanisa nomunye umuntu uthe nyelele, futhi azame ukwenza njengomKristu. Bangaki

osewake wakubona lokho kwenziwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Niyabona ukuthi kwenzekani kubo futhi. Kuphakathi kokuthi bawela khona lapho, noma bakhubazeke. Bayabaqukula babakhiphe, futhi yilokho. Asidlali isonto. Niyayikhumbula iPhoenix, eminyakeni emibalwa edlule, kulokho.

350 Manje, inenekazi, ngempela, linomthwalo ngento ethize. Manje, uma beningabona, phakathi kwalo nami, kukhona ukuKhanya. Liqala ukufiphala. Kodwa kubukeka sengathi umoya walo ukhathazekile. Linezinkinga zokomoya elikhathazeke ngazo. Lelo yiqiniso. Uma lelo kuyiqiniso, phakamisa isandla sakho.

351 Ngokuguquguqukayo, ngaso sonke isikhathi, ngiyakuzwa lokho kungena, "Ufunda lowomqondo wowesifazane." Angiwufundi. Ngizokuthola lokho ngolunye lwalobubusuku, futhi ngiyokubiza kuphume, futhi.

352 Umzuzu nje, sizobona uma sinjalo, sibone uma sikuqagela lokhu. Angazi ukuthi kutheni, ekuqaleni. Bekukhona into ethize. Kubonakale sengathi bekuyinkathazo noma into ethize. O, nakhu. Ngiyabona manje. Yinkinga yokomoya.

353 Enye into, unamalumbo okugula. Unenkathazo yamatshe asesinyeni. Kunjalo. Kunjalo na? Ehhe. [Udade uthi, "Kuza ngezigaba."—Umhl.] Yebo, mnumzane. Uhlobo lwendoda eqinile. Qaphela, enye into, unomthwalo ngomunye umuntu. Lowo ngabanye abantwana. Abantwana bakho, insindiso yabo. Lelo yiqiniso. Kumayelana nomunye umuntu, futhi, olapha. Ngiyakuzwa. Ngumyeni wakho, futhi yinsindiso yakhe. ["Kunjalo."] Kunjalo. Uhlezi ukhona manje. ["Kunjalo."] Mm!

354 Awusuye owalapha. Ngikubona uhamba ndawo ndawo lapho okunamagquma aluhlaza aphakeme nenqwaba yamanzi. [Udade uthi, "Jesu!"—Umhl.] Ku—kukude ukusuka lapha. Kusenyakatho ukusuka lapha. Usuka esifundazweni saseOregon. ["Kunjalo."] Kunjalo. Usuka ndawo ndawo eduze kweGrant's Pass, noma ndawo ndawo ngapho phakathi lapho okunalawo magquma khona. Igama lakho ungu Lena. ["Kunjalo."] Isibongo sakho unguStovell. ["Kunjalo."] Kunjalo. UJesu Kristu uyasihlonipha isicelo sakho kulobubusuku. Hamba uye ekhaya. Umyeni wakho usesindisiwe; abantwana bakho, nabo; futhi yemukela ukuphiliswa kwakho. Alibongwe iGama leNkosi uJesu Kristu!

355 Noma ngabe bekuyini, angazi. Kuzofanele kuphela kube seteyipini. Kodwa ngiyazi bekungowesifazane obenokukholwa, okholiwe.

356 NiyaMkholwa manje na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ngabe Unguyena izolo, namuhla, naphakade na? ["Amen."] Niyazi lokho kuzofanele kube nguMoya. Manje kuya ngokuthi ucabanga ukuthi beKuyini.

357 Unjani, nenekazi? [Udade uthi, "Ngiyaphila."—Umhl.] Manje, siyizihambi omunye komunye. A—angikwazi. Futhi usemncane kakhulu kunami. Kodwa uyakholwa ukuthi uJesu angangitshela ukuthi iyini inkathazo yakho, noma into ethize ngawe na? Bekungakunika ukukholwa ukuba ukholwe na? Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Uyazi bengingeke ngazi. Bekungenakwenzeka kimi ukuba ngikwazi. Bekufanele kuvele kuYe, uMoya. Futhi uyezwa ngalesisikhathi ukuthi kukhona into ethize eqhubekayo. UBukhona baKhe.

358 Awuzimele ngesingawe ngempela. Unenqwaba yenkathazo. Unezokomoya, inqwaba yezinkinga zokomoya omangala ngazo. [Udade uthi, "Yebo."—Umhl.] Ozo . . . Uzothola impendulo kuzo. Futhi nje ukukwazisa ukuthi ngiyakwazi engikhuluma ngakho, okunye kwakho kumayelana nento ethize eyenzeka ebandleni lakini. ["Kunjalo."] Ehhe. Kunjalo. Kunjalo. Kuphathelene nebhizinisi. Kuqhubeka ebandleni lakini, ongacabangi ukuthi kuqhubeka kahle. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Lokho kuqinisile.

359 Neny'nto, ngibona umuntu eqhamuka, osecishe abe ngofileyo impela. Wudaba lomdlavuza. Ukhulekela umdlavuza, omunye ezweni lakini. Futhi nawe ungowaseOregon, ngoba yizwe elifanayo inenekazi ebelilapha ngaphambili. Kunjalo. Uyakwemukela okucelile. [Udade uthi, "NgiyaKubonga, Nkosi."—Umhl.] Buyela ekhaya. Ukukholwa kwakho kukupha khona.

360 Angizange ngimthinte owesifazane. Kodwa uNkulunkulu umthintile, enzela yena. Kholwa nje.

361 Sawubona, nenekazi. Siyizihambi komunye nomunye. INkosi uJesu isazi sobabili.

362 Manje, umzuzwana nje. Ikhona into ethize eyenzeke ezethamelini. Hloniphani ngokuzithoba ngempela. Bekukhona owesilisa oqhamukile, phambi kowesifazane lapha, umuntu othize onokukholwa. Qhubeka nje ukhuleka, noma ngabe bekungubani. Ngikugejile. Qhubeka nje ukhuleka.

363 Futhi, niyabo, ukukhuluma kini. Wonk'umuntu unomoya. Niyabo? Nabantu baqala ukukholwa, niyabo. Futhi kuyakwenza, niyabo, ukukholwa kwawo wonk'umuntu kudonsa ndlela zonke, niyabo. Yingalesosizathu ngifanele ngithol'omuny'umuntu lapha phambi kwami nje.

364 Kukhona ngisho nabefundisi abahlezi lapha, ogulayo, okhulekayo khona manje. Niyabo? Futhi lokho yi . . . Niyabo?

365 Futhi ngikubizile, wena onekhadi lomkhuleko. Angikwazi, kodwa uNkulunkulu uyakwazi. Manje-ke uma iNkosi uJesu izongitshela into ethize empilweni yakho oyenzile, obufanele uyenze, noma into ethize engalungile ngawe, uma ugula, kungahle kube yinkathazo yezasekhaya, noma kungahle kube yinkathazo yezezimali. Angazi ukuthi iyini. Kodwa noma

ngabe iyini, uzokwazi ukuthi ngabe kuyiqiniso noma qha, uma Ekusho. Uzo—zokholwa, futhi ukholwe ukuthi—ukuthi manje ususeBukhoneni baKhe na? Hhayi ubukhona bami, noma lamadoda, akhona, lokho bekungeke kukwenze uzwe ngendlela ozwa ngayo manje. NguBukhona baKhe.

366 Kunendoda elokhu ima ngakulona wesifazane. Yindoda eqatha. Kuyinto ethize. Ngiyayibona. Ungumngani endodeni engiyaziyo, uPaul Cain, umfundisi. Uyamazi. Kunjalo, ngoba nango. Ku . . . Kunjalo. Ikukhulekele, lendoda. Futhi inkathazo yakho, unombhumu, unombhumu usontwini. Kunjalo. Futhi ubangele izifo ezilakanyene nazo zonke izinhlobo zokugula. Awusuye owalapha. Ungowase . . . Ungowasentshonalanga kwalapha. UngowaseCalifornia. Uyamkholwa uJesu Kristu na? [Udade uthi, "Yebo, mnumzane."—Umhl.] UzoMemukela na? Nkosazana Moss, ufuna ukubuyela ekhaya futhi usinde na? Buyela futhi ukukholwe. Yiba nokukholwa kuNkulunkulu manje. Ungangabazi, futhi kuzofezekiswa.

367 Nina enikholelwa eNkosini uJesu na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

368 Sawubona? Siyizihambi, omunye komunye, ngiyethemba. INkosi uJesu isazi sobabili. Angikwazi, kodwa iNkosi uJesu iyakwazi.

369 Ngu—ngukuKhanya, futhi Kulokhu kusuka emsamo. Nonke qhubekani nikholwa kanjalo. Qhubekani nje, qhubekani nje nikholwa. Niyabo? Qhubekani nikhuleka. Kunjalo.

370 Uphethwe yisimilela. Uyakholwa ukuthi iNkosi uJesu ingangitshela ukuthi sikuphi isimilela na? Sisebeleni lakho langakwesokudla, iphaphu. Kunjalo. Awusuye owalapha. Ukhona omuny'umuntu okuthumele lapha. Awusho, uke waba semgqeni womkhuleko ngaphambili. Lokho kwakuse . . . UngowaseChicago. Futhi waphiliswa kanye emhlanganweni, owatshelwa khona, ngokuba nenkathazo eceleni kuwe, noma umlenze, noma into ethize efana naleyo. Futhi waphiliswa emhlanganweni. Nendoda ekhanda-limpunga, futhi inempunga imus- . . . NguMelusi Mattsson-Boze, owake waba ngumelusi wakho ebandleni iPhiladelphia, ungowalapho-ke, ukuthumele lapha kulobubusuku. Kunjalo. UJesu Kristu uyakusindisa. Buyela eChicago, ujabula. UJesu Kristu uyakusindisa.

"Uma ukholwa, konke kungenzeka."

371 Sawubona? Siyizihambi omunye komunye. Angikwazi, kodwa uJesu Kristu uyakwazi. Uyakholwa ukuthi Uyakwazi ukunginika uMoya waKhe na? Okungukuthi, angenele njengomfundisi, uyazi, uku, uyazi. Kodwa—kodwa ngesiphiwo eBhayibhelini, esithenjiswe ngezinsuku zokugcina, "ukubuyisela ukuKholwa kwabantwana kubuyele koyise." Uyakholwa ukuthi ihora selifikile lalokho, nokuthi leyonkonzo iyasebenza eBandleni namuhla na?

372 Wena, futhi, uvela eChicago, ngoba ngikubona uhamba emgwaqeni. Ubukeka njengoMgwaqo uClark, kimi. Kunjalo. Futhi uphethwe yisifo samathambo, ukuhlupheka okwehlukene emzimbeni wakho. Usungabuyela emuva manje. Ukukholwa kwakho kuyakusindisa. UNkulunkulu akubusise. Hamba, ukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho.

373 Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uyasiphilisa isifo samathambo na? Khona-ke buyela esihlalweni sakho bese uMbonga ngakho. Philiswa. Sinda.

374 Ungeza ngaphambili, nenekazi na? Ungathanda ukuyokudla futhi uphinde uzizwe ukahle, leyonkathazo endala yesisu ihambe na? Hamba, udle. UJesu Kristu uyakusindisa.

375 Nenekazi, inenekazi lapho nomncinyane, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzomphilisa lowomntwana na? Ngingakutshela inkathazo yomntwana, kodwa angeke ngayiphilisa. Buka lapha, s'thandwa. Nginentombazanyana phandle lapho, ethi ayibe njengawe nje. Ngiyishiya izikhathi eziningi, ikhala, njengoba unjalo manje, ukuhamba ukuyobona amantombazanyana. Uyakholwa ukuthi uJesu angayiphilisa inkathazo yenhliziyo futhi akusindise na? Woza lapha. Woza kimi.

376 Baba waseZulwini, makuthi amandla kaMoya oNgcwele manje akhona, asindise impilo yalomntwana. EGameni likaJesu Kristu, ngicelela impilo yakhe. Amen.

Ungakungabazi. Ungakungabazi, dade. Hamba, kholwa, futhi kuzolunga.

Kholwa manje ngayo yonke inhliziyo yakho.

377 Woza, nenekazi. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angayiphilisa leyonkathazo yamanenekazi, inkathazo yabesifazane, ukumunceka kuzonqamuka na? [Udade uthi, "Yebo, mnumzane."—Umhl.] Buya. Kukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho, futhi usinde. Uyabo? Uyabo?

378 Uthanda ukuphinda uphefumule, ube kahle futhi ukhululeke, futhi uqede lesosifuba somoya esidala nezinto na? Hamba uye ekhaya futhi ukukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho. Ungaphiliswa futhi usinde. Kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho.

379 UNkulunkulu uyayiphilisa inkathazo yenhliziyo, futhi. Kunjalo. Uyakukholwa lokho na? Buya nje futhi uthi, "NgiyaKubonga, Nkosi Jesu." Futhi udumise iGama laKhe, futhi uzosinda.

EGameni likaJesu Kristu, muphe lokhu.

380 Niyakholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Bangaki okholwayo na? ["Amen."]

381 Wena-ke laphaya kulolohlaka na? Uyakholwa na? Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe, ngi—ngiqonde

ukuthi, inceku yaKhe na? Lokho kuyabakhuba abantu. Angikwazi. Ungowesifazane nje ulele lapho. Ngiyabona usohlakeni. Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Uma uNkulunkulu engembula kimi ukuthi iyini inkathazo yakho, uzoMemukela njengoMphilisi wakho na? Usibekelwe ukufa. Kunethunzi elimnyama phezu kwakho. Uma ulala lapho, uzofa. Akusizi lutho ukuya kudokotela; sekuphelile, maqondana naye. Isifo esikubulalayo ngumdlavuza. Awumemukeli ngani uJesu Kristu njengoMphilisi wakho na? Sukuma ohlakeni lwakho, bese uluthatha bese uya ekhaya, futhi usinde. Uzokukholwa lokho na? Kwemukele, bese uya ekhaya-ke. Sukuma, futhi ukukholwe. Futhi usukumile.

382 Wena-ke nesandla sakho esiphakeme lapho, nalelobhantshi elimhlophe olifakile na? Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku kaNkulunkulu na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi yini inkathazo yakho, mnumzane na? Unohlobo oluthize lwamalumbo. Yisithuthwane. Uma lokho kunjalo, phakamisa esinye isandla. Manje Mkholwe, ngayo yonke inhliziyo yakho, futhi awusophinde ube nelinye ilumbo. Ngikuphosela inselelo ukuba ukukholwe.

383 Lendoda ehlezi lapha ingibuka, neyembe. . . ibuka phezulu ngqo lapha. Uphethwe yinkathazo yenhliziyo. Angikwazi, kodwa lelo yiqiniso. Kunjalo na? Ake ngikutshele futhi. Ungumfundisi. Unamabandla owavakashelayo. Kubukeka sengathi wuhlobo lwesizwe esinsundu sabantu. YiMexico. Kunjalo. Ukhathalele ngakho konke komuny'umuntu. Lowo ngunkosikazi ohlezi lapho ngakuwe. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi yini inkathazo yakhe na? Ngingeke ngamphilisa, kodwa uma ngingakutshela inkathazo yakhe, uzokukholelwa ukuphiliswa kwakhe na? Uyisithulu ezindlebeni zakhe. Beka izandla zakho phezu kwezindlebe zakhe, futhi ukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho, futhi angaphiliswa.

384 Bangaki abazokholwa into efanayo na? [Ibandla liyathokoza—Umhl.] Amen. Phakamiselani izandla zenu emoyeni, futhi nemukele uJesu njengoMphilisi wenu.

385 Wena oMkholwayo, ungakaze usindiswe, awenyukeli ngani ealtare njengamanje na? Uthe ubufuna ukuba nomuzwa enhliziyweni yakho njengoba wenza, njengoba lowomama oyinyamazane idiye enza. Ufuna ukuMemukela njengoMsindisi wakho na? Nizokwenyukela lapha manje bese nima nizungeze ialtare, futhi ngikhuleke nani niseseBukhoneni baKhe na? Abaningi benu lapha, bafanele beze futhi bame lapha. Uma nifuna ukwemukela uKristu njengoMsindisi wenu, wozani khona manje. Nizokwenza na?

UNkulunkulu akubusise, mnumzane. UNkulunkulu akubusise. Lokho kuhle.

386 Omunye futhi ofuna ukuMemukela na? EBukhoneni baKhe, uzoke uze usondele kanjani kakhulu kuYe na? Uma E—uma Ekwazile ukungitshela ukuthi iyini inkathazo yakho, Ungitshela ukuthi udinga—uyaMdinga. Yenyuka khona manje. Wena ongenaYe, woza manje futhi uMemukele njengoMsindisi oqondene nawe. Yima lapha eBukhoneni baKhe. Noma ngabe ungubani, uma uyilunga lebandla, akunandaba ukuthi uyini, uma ungakalungisani okwamanje noNkulunkulu, ngiyakucela, futhi ngiphosa inselelo, eGameni likaJesu Kristu, woza ngaphambili manje ngaphambi kokuba siqede lomugqa wokuphiliswa, ngqo ngenkathi uMoya oNgcwele uselapha, lapho engingakhuleka umkhuleko wokukholwa. Uma Ezongizwa, ukuphilisa abagulayo, impela Uzongizwa ukusindisa abalahlekileyo. Wena oMfuna njengoMsindisi wakho, woza ngaphambili manje eGameni likaJesu. Hambani niye ngaphambili manje bese nisukuma nizungeze ialtare lapha nenzele umkhuleko, ngalesisikhathi nje.

387 INkosi inibusise. Ngiyakuthanda lokho. Abesilisa nabesifazane, phansi kokuhlabeka, uMoya oNgcwele qobo lwaWo ubaletha bephuma ngqo futhi ubehlisela ealtare.

388 Wena okukholwayo lokhu ukuthi ku—kungubufakazi bokuvuka kukaJesu Kristu ngalolu izinsuku zokugcina, ukuthi, iBhayibheli lethembisa yona lento. Ukuthi, kungeke kwaba yimi; ngingumuntu. NguMsindisi wenu. Ngiyanitshela, nguJesu Kristu. Nesandla sami phezu kweZwi, nguJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu. UkuFika kwaYo sekuseduze kakhulu ngangokuthi Isizibonakalisile qobo lwaYo ekugcwaleni kwamandla aYo phakathi kwabantu baYo.

389 Uma ubunokungabaza nezingxaki, ilunga lebandla elisivivi nje, woza kulobubusuku futhi ugcwaliswe ngoMoya oNgcwele ngenkathi uMoya oNgcwele qobo lwaWo uselapha, ukhombisa izifakaziso ezingenakuphosisa, ngomBhalo, ukuthi Ulapha. NguYe. Woza manje, wonke umphefumulo ofuna uJesu Kristu empilweni yakho. Woza ngaphambili manje futhi uMemukele. Woza manje.

. . . kungenzeka, kholwa kuphela.

390 Sisalicula, ungeze manje na? O! "Kholwa kuphela" ini? Kholwa kuphela iQiniso leBhayibheli, otshelwe lona. NaNgu, eLifakazisa. Kungani Engitshelile, khona impela maphakathi naleyonkonzo yokuphilisa na? Kungani Engitshelile kuleyonkonzo yokuphilisa, "Bizela abantu ealtare"? Kungahle kube yithuba lokugcina lomuntu othize. Angazi. Into kuphela engiyaziyo, ngukuthi, ngilalele uMoya.

. . . kholwa kuphela,
Kholwa kuphela, kholwa kuphela,
Konke kungenzeka, kholwa kuphela.

Nkosi, ngiyakholwa; Nkosi, ngiyakholwa;
Konke kungenzeka.

391 Kulungile, bafowethu abangabefundisi, phansi ngqo lapha, phansi ngqo ngapha. "Ba . . ." Leyondawo eyodwa, mfowethu. Yehla ngqo. Makuthi izisebenzi eziqondene nabantu zibuthane zizungeze manje. Sizokhulekela lababantu.

Ngiyakholwa; O Nkosi, ngiyakholwa;
Konke kungenzeka.

392 "Kungenzeka ukuba mina ngemukele uMoya oNgcwele njengoba benza ngoSuku lwePhentekoste na?" Impela, uma ukukholwa. "Kholwa. Kholwa kuphela."

393 Nifuna isehlakalo sangempela sothando lukaNkulunkulu, njengalowomama omdala oyinyamazane idiye ayenaso ngengane na? Uma isehlakalo sakho singenjengaleso, usashoda. Woza. Uma ufuna ukubonakalisa uJesu Kristu empilweni yakho, woza. Ungabe usadlala isonto.

394 Ihora lilapha, asifanele sidlale ngalento enkulu uNkulunkulu asiphe yona, izifakaziso ezingenakuphosisa zikaJesu Kristu ephila namhlanje emva kokuqhele ngeminyaka eyizinkulungwane ezimbili. Ungeze na? Ibandla lemukela isiphiwo salo sokugcina. Lena yinto yokugcina ezofika eBandleni ngaphambi kokuFika kukaKristu, ngokweZwi likaNkulunkulu. UJesu wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni kaLoti, kuyakuba njalo ekuFikeni kweNdodana kaNkulunkulu." Nakhu lapho esikhona.

395 Wozani, ningeze, wonk'umphefumulo ongaMazi, wonk'umphefumulo osekungabazeni kulobubusuku na? Ningalidedeli lelithuba elihle kakhulu linedlule. Ningeze manje futhi nimele umkhuleko sisaqoqana sizungeza lendawo na? Nakho-ke. Qhubekani nje niza. Thina, sifuna ukunibona, wonk'umuntu o . . . Silinde umzuzwana nje, ngoba ngizwa ngempela ukuthi kusenabanye futhi lapha abafanele beze, akunandaba ukuthi uzihlanganise naliphi ibandla. Asikuceli bona ubulunga bebandla. Sikucela ukuba uze, wemukele uKristu. Ungathanda ukwemukela uNkulunkulu owazi izimfihlo zenhliziyo, ongayembula khona lapha njengoba Enza, owazi yona impela imicabango oyicabangayo, futhi angayichaza kuwe, njengoba Enza ezinsukwini ezedlula na? Manje, iNkosi ayibusise.

396 Manje, laba besazungeze ialtare, nabanye beseza, makuthi abasezethamelini basukume umzuzwana nje manje, sisazokhuleka. Manje, wena ogulayo khona lapho mhlawumbe obungekho emgqeni womkhuleko, beka izandla zakho phezu komunye nomunye. Makuthi zonke izisebenzi eziqondene nabantu nabefundisi babeke izandla phezu kwalababantu lapha.

397 Senilungele na? Niyibonile into ethize engeyangempela na? Ngabe into ethize iyishukumisile inhliziyo yakho na? Ngabe into ethize ibe ngubuqiniso kuwe, ngokushesha, ukwazi ukuthi uJesu Kristu uyaphila kulobubusuku na?

398 Manje asikhothamise amakhanda ethu, futhi wonk'umuntu khuleka ngendlela yakho uqobo. Khumbulani, kunezigidi zemikhuleko ezenyukayo umhlaba jikelele khona manje. UNkulunkulu uyizwa yonke, ngoba Ungongenasiphelo. Khulekani manje njengoba nenza ebandleni lenu uqobo. Khulekelani ukuba uNkulunkulu athethelele izono zenu. Khulekelani ukuba Yena anigcwalise ngoMoya oNgcwele. Khulekelani ukuba uNkulunkulu aniphilise. Kunjalo. UMoya oNgcwele wehlele phakathi kwenu kanjalo futhi aniphe ukunqoba okukhulu nenkululeko.

399 Baba waseZulwini, siletha lezizethameli kuWe njengamanje. Makuthi amandla amakhulu avusa uJesu Kristu ephuma ethuneni, kwangathi angaphilisa lelibandla njengamanje. Kwangathi amandla aphilisayo...Kwangathi wonke umuntu ogulayo angakhululwa emandleni kaSathane. Kwangathi wonke umphefumulo olahlekile ungasindiswa, nawo wonke umuntu osindisiwe agcwaliswe ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele. Siphe khona, Nkosi.

400 Khulekani sengathi anikaze nikhuleke ngaphambili. Khulekani sengathi benifa, sengathi ngumzuzu wenu wokugcina, noNkulunkulu uzokupha.

